# Ukuhloma Zonke Izikhali ZikaNkulunkulu

Ngiyabonga, Mfowethu Borders.

Futhi asikhothamise izinhliziyo zethu, umzuzwana nje manje, senzele izwi lomkhuleko.

2 Baba waseZulwini, njengoba kusukela phansi kuleminyaka eminingi, leloculo, ngilizwile lingibizela emsamo emhlabeni jikelele, zonke izinhlobo zezilimi. NgiyaKubonga, Nkosi, ukuthi zonke izinto ziyenzeka.

3 Singacabanga ngokubona abafundi phansi kwentaba behlulwe ngokuphelele, emva kokuba Ubanike amandla okuphulukisa abagulayo, nokuvusa abafileyo, nokukhipha odeveli. Futhi babelapho-ke, ngokuphelele, behlulwe ngokuphelele odabeni lesithuthwane, kodwa oza ehla ngommango kweza iNkosi yokukholwa. Ubaba, wagijima waya kuYo, wathi, "Nkosi, hawukela umntanami, onodeveli, futhi izikhathi eziningi uwela emlilweni futhi uphelelwa amandla. Futhi," wathi, "ngimlethe kubafundi, kepha abakwazanga ukumelapha."

4 Futhi siyabona, njengoba umoya unikeza ukuphafuza okuncane nezinwele zaYo ziphephezela, Wathi, "Ngingakwenza, uma ukholwa, ngokuba zonke izinto zingenzeka kulabo abakholwayo."

5 Futhi Baba, kuyiqiniso nanamuhla, ukuthi zonke izinto zingenzeka lapho konke ukungabaza kungasuswa, nokukholwa kungathatha indawo yakho. Futhi sengathi thina ngandlela thize, namhlanje, ngamandla kaNkulunkulu uSomandla, singakwazi ukwenza lokho, sisuse wonke amathunzi okungabaza futhi sededele zonke izinto e. . . engenzeka kithi.

6 SiyaKubonga ngomhlangano omkhulu, ngabefundisi, ngamabandla abo, abantu, ukubambisana kwabo, ngehholo elikhulu, yonke into eyenziwe, Nkosi, siyaKubonga ngakho. Yonke imizamo yethu, siyakhuleka, Baba, ukuthi yilowo nalowo oyivezile izobusiswa futhi yandiswe. Kwangathi ingabuyela kuWe njengesinkwa phezu kwamanzi, uthethelela zonke izono zethu futhi uphulukisa izifo zethu, futhi usisiza ukuba siphile kanjalo, kulelizwe lamanje, ukuthi abantu bangabona uKristu kithi.

7 Nakhu kubekwe lapha namhlanje, amaduku amaningi abekwe emsamo, kulelipulpiti, ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzobusisa ngalinye lawo, amele abantu abagulayo,

abahluphekile. Futhi ngiyakhuleka ukuthi uMoya oNgcwele, okhona manje, uzobusisa lamaduku ngenjongo yawo ewahloselwe. Ubabhekile bonke, Nkosi, Ubeka enhliziyweni yabo ukuba bawabeke phezulu lapha, Uyakwazi abakudingayo, futhi ngiyaKubonga ngalabobantu abanalokho kwethemba okungako, Nkosi.

8 Manje, nginikela umkhuleko wami phezu kwe-altare nowabo, futhi ngikhuleka ukuthi, eGameni likaJesu Kristu, ukuthi Uzobaphulukisa bonke, Nkosi, kusukela komncane kunabo bonke kuya komdala kunabo bonke, kusukela—kusukela kogula kunabo bonke kuya kongcono kunabo bonke. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi kungenziwa ngamandla kaKristu, ngokuba sikucela eGameni laKhe. Amen.

9 Ninga...ngahlala phansi. Ngi—ngiswele amazwi uma sekuza ekutheni ngisithakasela kanjani lesisikhathi senhlanganyelo lapha eSanta Maria. Ngibonga kakhulu kuleliqembu labefundisi elixhase loluhlelo. Futhi ngiyabathakasela, ekwazini ukuthi ezinhlanganweni zabo ezehlukene nezinto abanazo, ukuba nami lapha, bakhiphe intamo yabo kakhulu, bancika emuva ukuze benze izinto ezinjalo, ngoba ngimangalelwe ngokuba yisilwi senhlangano, futhi lokho akulona iqiniso, kukude neqiniso. Anginalutho olumelene nanoma iyiphi inhlangano, lutho nhlobo, kodwa inqubo yenhlangano angikholelwa kuyo. Niyabo? Ngi—ngiyakholelwa emadodeni akulezo zinhlangano.

10 Isibonelo, uma ngikubona wehla ngomfula osheshayo ngesikebhe esincane, futhi ngazi ukuthi lesosikebhe sasizogwabuka lapha emva kwesikhashana, futhi angeke simelane nalokho kugeleza, bengingaba umuntu ongalungile, bengingaba i—isitha kuwe ukukudedela untante udabule kulokho kugeleza, futhi ngingakuxwayisi, phuma kulesosikebhe. Niyabo? Aku—akusikho ukuthi nginotho olumelene nawe, yisikebhe okuso, yileyo into, niyabo. Ngi—ngiyakuthanda, ngi—ngizama ukukusiza.

11 Nalamadoda ayakwazi lokho, futhi a—futhi anamathelise izintamo zawo, njengoba sisho, ngaphandle le futhi ancika emuva ukuba abe nami lapha. Futhi ngizo...Ukugcina uMlayezo ulula njengoba bengingakwenza, imidlalo yasesiteji emincane nokunye nokunye, futhi, ukuzama ukuba yisibusiso kini nonke.

12 Futhi ngiqinisekile ekusukeni lapha, ngithatha isibusiso ekubeni nani. Kube ngukuxhuxhuma okukhulu enhliziyweni yami ukubona ukuthi kusekhona abantu emhlabeni, ngisho nangemva kokuba imvuselelo isiphelile, osazama ukucindezela ngoMbuso kaNkulunkulu. Futhi ngiyawathakasela amadoda alelozinga, futhi ngi...nani bantu. (Ngicabanga ukuthi zonke izikweletu senziwe, yonke into?) Zonke izindleko yenziwe.

Benifanele nikuxhase lokho, benifanele nikukhokhele. Ngifisa sengathi ngabe bengizikhokhele mina, kodwa a—angeke ngikwenze lokho, angeke ngikwazi ukukukhokhela, anginayo imali enjalo, futhi ngi . . . Isizathu sokuthi ngize emihlanganweni emincane, njengoba sengichazile.

13 Manje, kukhona abanye babazalwane bethu, njengoMfowethu Roberts, nabaningi balawomadoda, anamabhizinisi amakhulu, futhi banomsakazo nethelevishini, nokunye nokunye, ukuthi bafanele benze izinkulungwane *ezininingi kangaka* zamadola nsuku zonke ukuxhasa lokho. Niyabo? Bafanele babe nakho.

14 Awu, iNkosi ihlala ikwazi Ekwenzayo. Niyabo? Yayazi—Yayingakwazi ukungangifaki kwilutho olunjalo, bekuzongisanganisa. Niyabo? Bengi—ngingeke ngikwenze, anginawo nje amandla engqondo okukwenza, futhi . . . Kodwa Wangivumela ukuba ngibe nabantu abangithandayo, futhi ngi—futhi ngizama ukuthatha lokho okuncane enginakho ukuze ngifake ingxenye yami eMbusweni.

15 Manje, uMfowethu Roberts, noMfowethu Allen, nabo bonke labo abanye abafowethu abanemihlangano emikhulu, sonke sisebenzela uMbuso owodwa, niyabo. Niyabo? Sonke sisebenzela indawo eyodwa. Futhi umuntu ngamunye uyazama ngeziphiwo zakhe, uNkulunkulu amnika zona, ukuphonsa imiphefumulo kulowoMbuso.

16 Awu, ngengxenye yami encane, ngizama ingxenye yami ukuyibeka neyabo ukuze ngifuqele phezulu ngakuBaba, futhi angifanele ngibe nalutho kodwa nje i—izindleko, umhlangano, abantu. Ngingaba nakho emabandleni, ngangivamise ukukwenza kwaze ukuba kuletha umunyu kakhulu, emazweni abandayo nashisayo, nabantu bemi bezungeze amabandla, abantwana abancane abagulayo ukuba bakhulekelwe, namakhosikazi, futhi baphoxeke. Ngakho khona-ke sifanele sibavumele baqashe amahholo amakhulu futhi nje sidedele abantu bakukhokhele, lokho kuthathiwe konke, yilokho kuphela, kuyakuxazulula.

17 Futhi ngi—ngibonga kakhulu ngamadoda anezinga elikhulu anemihlangano emikhulu nokunye nokunye, ngibonga kakhulu ngalawomadoda. Lapha esikhathini esedlule ngama ngakuMfowethu Roberts. Omunye ophumelelayo kakhulu kulowomugqa nase- . . . phandle ensimini namhlanje, ngiyacabanga, nguMfowethu Oral Roberts, umfowethu ongumKristu okahle. Futhi bengisanda kuwelela kuMfowethu Tommy Osborn. Futhi bobabili balabo bafowethu bangena enkonzweni ngokuza komunye wemihlangano yethu ngenkathi siqala. Bese kuthi-ke mina . . .

18 Futhi uTommy Osborn, noma ubani uyamazi lowo mfowethu oyigugu, u—ungomunye wamadoda amahle kakhulu lapho . . .

uyisithandwa nje. Futhi kade ngingapheseya endaweni yakhe futhi ngabona ibhizinisi lakhe elikhulu leNkosi futhi ngibone izincwadi zakhe, nonobhala bakhe, nama-IBM amakhulu.

19 Futhi ngawelela kweka-Oral khona-ke, ngase ngidabula kuleso esikhulu, isakhiwo sezigidi zamadola, ukuthi bangenisa kanjani okwangaphandle, futhi uphahla lwangaphakathi lonke lwelukwe ngezintambo ze-aluminiyamu, futhi o, ngazizwa ngingcolile ukuhamba kwiphansi le—lendawo, namahhovisi amakhulu, futhi ngibona imishini ye-IBM engamakhulu amahlanu noma ayisithupha isebenza. Futhi iposi alithintwa ngisho nangezandla zomuntu, niyabo, livele lingene lapho, futhi lidlulele emshinini, lidlule, ulivule, lehle ledlule ngalawo mabhande ahambisayo, futhi ledlule kulokhu futhi liphume, futhi lihambe *kanjalo*. [UMfowethu Branham ushaya iminwe yakhe—Umhl.] Alizange lithintwe izandla zomuntu.

Futhi ngacabanga, "He, he, uhlelo olunje pho!"

20 Khona-ke babeka. . .Kwakukhona abanye babangane bami abalinde ngaphandle ngaphambili. Khona-ke iqembu elikhulu labuthana phezulu lapho, futhi angikwazanga ukuphuma ngendlela engaphambili, kwadingeka bangikhiphe ngendlela engemuva. Futhi ngaphuma, kwangena amaphoyisa amabili futhi angikhipha, ngaya endaweni yokupaka ngokuzungeza ngakolunye uhlangothi, futhi ngangimi lapho ngibuka. Kungekho amawindi entweni, uhlobo oluthile nje lokukhanya okungaqondile, futhi kuphelele kanjani! Futhi ngibabona bethatha ikhefu lekhofi lapho, futhi nje amakhulu namakhulu namakhulu, futhi ngiyacabanga, "Kungukubonga nje ekukholweni kwendoda eyodwa, umfana oyedwa omncane wase-Oklahoma, ukuthi uNkulunkulu ubengapha into enjalo!" Ngacabanga, "Nkulunkulu, ngiyaKubonga ngalokho."

21 Ngabuka ngapheseya lapho kumfowethu omdadlana, uTommy Osborn. Ngacabanga ngaye, ukuthi wayesezansi kanjani lapho, phezulu lapha eSalem ngalobobusuku, noma, ePortland kwakulapho, e-Oregon, ngenkathi lolohlanya lugijimela emsamo futhi lwangiphonsela inselelo (Mhlawumbe abantu lapha babelapho ngenkathi lokho kwenzeka.), lwaluzongibulala khona lapho emsamo. Futhi ngangikhuluma ngokukholwa. Lwathi, "Kulobubusuku, ngizophula wonke amathambo emzimbeni wakho, wena nyoka otshanini," luyangiphimisela.

22 Futhi ngi—ngangazi kangcono kunokusho noma yini, futhi ngalinda nje, futhi uMoya oNgcwele wathi, "Ngoba uphonsele inselelo uMoya kaNkulunkulu, kulobubusuku uzowela ezinyaweni zami."

Lwathi, "Ngizokukhombisa ukuthi izinyawo zikabani engizowela phezu kwazo," futhi lwafingqa isibhakela salo ukuze lungishaye.

Futhi ngathi, "Sathane, phuma kuye, eGameni likaJesu." Futhi lwawela ezinyaweni zami lwaze lwangimpintshela kwiphansi.

23 Futhi uTommy nabo bebone lokho, waya ekhaya futhi wazibethelela ekamelweni, walinda izinsuku ezintathu noma ezine, khona-ke ufika ekhaya enhla e-Indiana, ezungeza ngemoto, umfo omncane onovalo, wathi, "Mfowethu Branham, ucabanga ukuthi uNkulunkulu ungiphe isiphiwo sokuphulukisa na?"

24 Ngathi, "Tommy, kuyokwenzeka ukuthi lokho kukhuluma ngeziphiwo zokuphulukisa kuyokwenziwa kude kangaka enkucunkucwini nasesidakeni, kuze kube kubi kakhulu. Kuyoba khona isixuku esixubile esikhuphuka nalokhu. Kuyoba yizo zonke izinhlobo zemizwa, nezimfundiso ezigqamile, nakho konke okunye okuvukayo, kuze kufezeke ukuthi wonke umuntu ufanele abe nohlobo oluthile lwenkonzo yokuphulukisa noma ngeke ngisho babe. . . bazizwe ukuthi basenkundleni. Futhi lokho ukululaza kuphela umuntu ozama ngokuphelele ukubamba isikhundla sakhe. Khumbulani, ubaluleke kakhulu eMbusweni kaNkulunkulu njengawo wonke omunye umuntu." Futhi ngakho, futhi ngathi, "UNkulunkulu ukubizile ukuba ushumayele iVangeli, ngabe Ukubizile na?"

Wathi, "Yebo."

25 Ngathi, "Ubukeka njengensizwa ethembisayo." Ngathi, "Khona-ke, ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kuhambisana nokushumayela iVangeli." Kunjalo. "Ngakho khulekela abagulayo nje." Futhi yilokho akwenzile. UNkulunkulu wambusisa kanjani lowomfana, okhaliphile, ohlakaniphile!

Ngama lapho futhi ngaqalaza, ngazizwa ngimkhulu *kangako*, ngimi lapho phambi kwalesosakhiwo esikhulukazi, ngiqalaza. Ngacabanga, "He!"

26 Ngathi ukuba nomuzwa omncane oxakile uhamba udabula kimi, futhi ngacabanga ngoTommy laphaya, no-Oral lapha, futhi ngangisenkundleni ngaphambi kwabo bobabili. Futhi he, bengingazonda ukuthi beze ehhovisi lami, umshini wokubhala owodwa omncane obekwe ekugcineni kwenqola, ngizama ukuthola umuntu ozongisiza ngiphendule izincwadi, nokunye nokunye. Ngacabanga, "He, ini. . . Impela bengingazizwa nginamahloni ngami," futhi kanjalo.

27 Ngacabanga, "Awu, Nkulunkulu, ngicabanga ukuthi ngangingenjalo. . . Ubungeke ungethembe ngalokho okungako, lokho okukanjalo. Bengingahle, ngenze into ebingalungile, ngakho mhlawumbe Ubungeke ungethembe. Mhlawumbe yilokho okwakuyikho."

28 Futhi manje, hhayi ukululaza kubazalwane, noma qha. . . Ngethemba ukuthi akuzwakali kungukuhlambalaza okungcwele, kodwa ngokusobala nje njengoba uzwa iphimbo

lami, iPhimbo lakhuluma kimi, "Kodwa," lathi, "NgiyiSabelo sakho."

Ngathi, "NgiyaKubonga, Nkosi. Ngi—ngiyajabula ukuba nalesoSabelo." Niyabo?

"NgiyiSabelo sakho."

29 Ngakho ngacabanga lokho kungukuthi. . . konke kwaku. . . kwezwakala. . . kwangenza ngazizwa ngikahle. Ngicabanga ukuthi Wenza lokho nje ukuze angikhuthaze, ngoba ngazizwa sengathi angenzanga lutho lapho ngima futhi ngibabuka, lokho uNkulunkulu ayekwenzele labo bazalwane.

30 Khona-ke ngacabanga ukuthi mhlawumbe ekupheleni kwendlela yami, lapho ekugcineni sengiqeda intshumayelo yami yokugcina futhi ngikhuleke umkhuleko wami wokugcina, ukuthi mhlawumbe Uzonginika isabelo esincane saKhe uqobo Laphaya ndawondawo. Futhi ngethemba ukuba lapho ngaloloSuku nani nonke.

31 Kuyamangaza, umfana omncane, umfana omncanyanyana, wayengabukeki engaphezu kweminyaka eyishumi nambili ubudala, angimboni lapha, wayenebhande elincane lomngenisi engalweni yakhe, uyenyuka khona manje, futhi wangqongqoza efasiteleni. Bengihlezi lapho ngifunda umBhalo, bengikade ngifundisisa emBhalweni engizoshumayela ngawo kulentambama, futhi ngi—bengibuka ukuze ngiqiniseke ukuthi benginomBhalo endaweni efanele. Futhi benginemibalwa ebhalwe phansi lapha, futhi ngi—bengiyiphinda ngiyihlola. Futhi lomfana omncane uyakhuphuka, wathi, "Bengi. . . Mfowethu Branham, ngingasithatha isithombe sakho na?"

32 Futhi ngathi, "Yebo, Mnumzane, impela ungakwenza," ngathi, "uma ikhamera yakho izosimela." Ngakho ngaphumela ngaphandle. Wathatha isithombe sami, ngathi, "Kungcono usihlole, singase sephukile." Futhi wavele wahleka, umfanyana omuhle.

Futhi wathi—wathi, "Angicabangi ukuthi sinjalo."

Futhi ngathi, "Awu, ngethemba ukuthi asinjalo." Khona-ke waphenduka wase engibheka. Ngathi, "Uhlala lapha na?"

Wathi, "Ngihlala lapha."

Ngathi, "Impela unesimo sezulu esihle kakhulu kunanoma yikuphi lapho engake ngaba khona."

33 Futhi wathi, "Ngiyabonga." Wathi, "Awu, Mfowethu Branham, angifuni ukukubambezela, ngiyazi ukuthi uyafundisisa, uma ngingaphinde ngihlangane nawe lapha, ngizohlangana nawe ngakolunye uHlangothi." Umfana omncane, ene. . . umngenisi omncane.

Ngacabanga, "Kunjalo." Yebo.

Ukwahlukana, kushiya ngemva kwethu

Imilobo yezinyawo ezihlabathini zesikhathi;
Imilobo yezinyawo, ukuthi mhlawumbe omunye,
Ngenkathi sigwedla olwandlekazi olunzima lwempilo,
Umfowethu olusizi nomkhumbi ophihlizekile,
Ekuboneni, uyoba nesibindi futhi.

34 Kunjalo. Ake sibone lapho esingafika khona, futhi senze izinyathelo, ukuthi uma kukhona ikusasa, labo abezayo zizolandela ezinyathelweni. Asiqiniseke ukuthi baholela ngqo eKalvari, ngoba leyo yindawo. Ngiyanibonga nonke futhi.

35 Futhi manje, kungase kungabi khona, i. . .Angazi ukuthi ngubani onakekela lezizindawo zezikhali, noma ngabe i—isikhulu sosuku, noma ngabe yi. . .ngubani, noma—noma ngabe yikomidi, noma ngabe ngubani, ngifuna ukubabonga ngalesisikhathi esiyigugu abasinike sona, kanye nalesisakhiwo sombutho lapha.

36 Futhi angazi kakhulu ngombutho. Ngi—ngangihlale ngifuna ukuba yisosha. Niwuzwile umlando ngempilo yami, kanjani, lapho ngangivame ukubuka amaphephabhuku futhi ngibone amasosha, futhi ngi—ngi—ngangifuna ukuba nomfaniswano kabi kabi. Futhi ngi—ngicabanga ukuthi kuwudumo ukuba nawo. . .ukugqoka umfaniswano wale United States, kulokho esikumeleyo, udumo olukhulu. IMpi yokuQala yoMhlaba, ngangimncane kakhulu, ngangineminyaka cishe emine kuphela ubudala. Futhi eMpini yoMhlaba yokugcina, ngangimubi kakhulu noma okuthize, abazange bangithathe, ngakho ba—babengeke bangithathe.

Ngaya ngale ukuyobhalisa njengomfundisi, futhi wathi, “Ngabe uganiwe na?”

Ngase ngithi, “Yebo, Mnumzane, ngiganiwe.”

Futhi wathi, “Sibeka abefundisi ekilasini le-IV-H.” Futhi wathi, “Uma sibadinga siyababiza.”

37 Ngathi, “Ngizobe ngilindile, Mnumzane. Ngingathanda ngempela ukuphumela lapho futhi ngikhuthaze abafana, ngenze konke engingakwenza.” Abakaze bangibize, ngakho ngiyacabanga bona—babengangidingi.

38 Ngakho ngiyakhumbula ukuthi ngangifuna ukugqoka umfaniswano kabi kabi, mina. . .umfo wayenesudu ye-Boy Scout, futhi ngamtshela, “Lapho usuyigugisile, uzonginika yona na?” Futhi wathi uyokwenza. Futhi ekugcineni, kwadlula iminyaka emibili noma emithathu, futhi ngangilokhu ngibuza ngaleyosudi, futhi wazama ukuyithola, futhi akatholanga lutho ngaphandle kwegomazi elilodwa, ngase ngilithatha lelo, futhi ngaligqoka lelo, lelogomazi elilodwa. Futhi ngi—ngangisukuma ngiye ebhodini elimnyama esikoleni ukuze

ngibhale, futhi ngangifaka lelogomazi emlenzeni wesokudla, ukuze ngime nga*le*ndlela, niyazi, futhi ngibhale emaceleni. Wonke umuntu wayecabanga ukuthi ngangiwafake omabili, niyazi, nganginelilodwa nje, ngakho kwakungumfaniswano. Kodwa ngangihlale ngithi kancane, futhi . . .

39 Niyazi, emva kwakho konke ngi—ngawuthola umfaniswano, ungahle ungawuboni ngaphandle, kodwa ungaphakathi njengoba khona . . . Ngizokhuluma ngalokho emizuzwini embalwa nje. Futhi ngethemba ukuthi ngingaphila ukuze uzobonakala ngaphandle, ngumkhuleko wami.

40 Asifunde manje emBhalweni, isahluko se 6 sabase-Efesu, siqale ngevesi le 10:

> *Elokugcina, bazalwane bami, qinani eNkosini, . . . emandleni ayo amakhulu.*
>
> Nihlome *izikhali zonke zikaNkulunkulu, ukuze nibe namandla okumelana namaqhinga kadeveli.*
>
> *Ngokuba asibambene negazi nenyama, kodwa sibambene nemibuso, namandla, ngokumelene nababusi be . . . balobubumnyama balelizwe, nabawomoya bobubi emkhathini.*
>
> *Ngakho thathani izikhali zonke zikaNkulunkulu, ukuba nibe namandla okuzabalaza ngosuku olubi, nalapho senifeze konke, nime.*
>
> *Ngakho yimani izinkalo zenu ziboshwe ngeqiniso,* nigige *isivikelo sesifuba sokulunga;*
>
> *Izinyawo zigqokisiwe ukulungela kukho ukushumayela ivangeli lokuthula;*
>
> Futhi *kukho konke* thathani *isihlangu sokukholwa,* lapho *eniyakuba-namandla okucima ngaso yonke imicibisholo evuthayo yomubi.*
>
> *Namukele isigqoko sensindiso, nenkemba yo . . .* ukukholwa, *eyizwi likaNkulunkulu.*

41 Ibutho lase-United States alizange lingamukele ngoba, ngiyacabanga, kwakunamadoda ayefanelekile kakhudlwana. Kodwa ngiyajabula ukuthi ngijoyine embuthweni, weNkosi, futhi Yanginika umfaniswano.

42 UPawulu lapha uyakhuluma, ukhuluma ngokulungiselela isosha ukuya empini. IVangeli linamajika amaningi, ungalifanisa nento eyodwa noma enye. Futhi uPawulu ukhuluma ngakho njengomgijimi, kumaHeberu isahluko se 12, "Njengoba sihaqwe ifu elingaka lawofakazi, masilahle konke okusindayo, nesono, esithandela kangaka kithi." Ukhuluma lapho ngama-Olympics, noma mhlawumbe iSekisi yaseRoma. Futhi ngakho manje ukhuluma ngamadoda ahlomile aya empini nokuthi afanele azilungiselele kanjani.

43 Futhi bengicabanga, kulentambama, kungukuthi siyavala lapha endaweni yezikhali namuhla, ukuthi bengingathatha lokho kube yindikimba: *Ukuhloma Zonke Izikhali zikaNkulunkulu.* Hlomani, lungelani, ngokuba asibambene negazi nenyama, kodwa ngokumelene noSathane, isitha sikaNkulunkulu, imibuso, nobubi, nemimoya emibi, ububi ezindaweni eziphakeme. Futhi sijonge emgomeni wokubizwa kwaphezulu, futhi impela sisempini.

44 Futhi asikho isizwe esingalokotha sithumele indoda enkundleni yempi, ingaqeqeshiwe. Ingase ingabulawa yona kuphela kodwa elinye iqembu, ayazi ukuthi ibambe kanjani, futhi ngakho ifanele ikulungiselele. Futhi izizwe zihlakaniphile kulokho, zilungiselela amadoda azo.

45 Manje, uhlelo lwezinhloli lomhlaba wonke, niyazi, kukanjalo ukuthi nakuba singabangane nezinye izizwe njengeNgilandi ne—nabethu—abethu esidlelana nabo, nokho sinezinhloli eNgilandi, neNgilandi inezinhloli lapha. Futhi sinezinhloli emhlabeni wonke, futhi umhlaba unezinhloli lapha, kungakhathaleki ukuthi sinobungane noma asinabungane, inqubo abayisebenzisayo. Kubukeka sengathi nje wena, kulolodaba lukazwelonke, ngeke uthembe lutho.

46 Futhi uyazi ukuthi kungani na? Kungenxa yokuthi umhlaba wonke ulawulwa nguSathane. Yonke imibuso emhlabeni ibuswa nguSathane. Siyakuzonda ukucabanga lokho, kodwa lowo ngumBhalo. Niyazi, isitha senyusela iNkosi yethu kwephakeme, intaba enkulu kakhulu, ephakeme kakhulu, futhi saYikhombisa imibuso yonke yomhlaba, futhi sathi, "Yonke ingeyami, ngingumbusi wayo. Ngenza ngayo noma yini engifuna ukuyenza, futhi ngizokunika yona."

47 Bukani ukuhlakanipha kweNkosi uJesu kuhlala neZwi likaNkulunkulu. Wayazi ukuthi Wayezoba yindlalifa yayo eMbusweni, eMbusweni ozofika esikhathini seminyaka eyiNkulungwane, ngakho Wathi, "Suka, Sathane."

48 Manje, niyabo, uSathane angenza ngayo noma yini akufisayo. Manje, ukuba lezizizwe bezilawulwa nguNkulunkulu, besingeke sibe nempi, bekungeke kusaba khona ingxabano, lapho . . . bekungaba ngokukaNkulunkulu. Kodwa uSathane ungumbusi wayo yonke imibuso, ubusa umhlaba. Kodwa ngolunye usuku . . .

49 Ungakubona kubantu. Wonke umuntu ufuna isizwe esisodwa ukuba silawule umhlaba, bafuna ifulegi elilodwa, futhi bafuna ukuba yisizwe esinamandla kakhulu emhlabeni wonke, futhi bathathe konke ngaphansi kokulawula kwabo, futhi benze zonke ezinye izizwe zikhulume ulimi lwabo. Kuyini na? Kungukuthi kuphela, kukhombisa ukuthi kukhona indawo enjalo.

50 Njengoba uDavide athi, "Uma utwa lubizana notwa. . ." Manje, ngaphambi kokuba kube khona utwa ukuba, noma, ukubiza ngaphakathi, kufanele kube notwa oluzophendula kulolobizo. Ngamanye amazwi, ngivame ukwenza loluhlobo lwesitatimende ekushoni lokhu, ngicaphuna lomBhalo: Ngaphambi kokuba kumile imbali emhlabathini, kwakufanele kube khona umhlabathi kuqala, ngaphambi kokuba kube khona imbali ezomila emhlabathini.

51 Futhi phumela lapha ogwini lolwandle futhi ucabange ngenhlanzi. Manje, ngaphambi kokuba kube nesigwedlo emhlane wenhlanzi, kwadingeka kube namanzi ukuba yona ihlambe kuwo ukuze isebenzise lesosigwedlo, ngaphambi kokuba isigwedlo size sifike lapho. Niyabo?

52 Futhi manje, sonke sibheke iNdawo lapho okungekho khona ukufa, lapho okungekho khona ukugula. Sibheke: Njengabafana abancane namantombazane amancane kwakunjalo, umgomo wethu obalulekile kwakungukuzuza izimabula ezithile, noma amathophu apininizayo, noma ukudlala onodoli. Khona-ke besifanele siye esikoleni. Khona-ke lapho thina. . .Okulandelayo kwakuwukuthi yimuphi owesifazane esizomkhetha, noma iyiphi indoda, okobungani bethu bempilo. Khona-ke umndeni uyafika, bona—bona, umndeni, ufanele ufundiswe, ikhaya lifanele likhokhelwe. Futhi isikhathi esesiphelile, nathi sesiphelile, izinwele zethu sezimpunga futhi zasuka, futhi sinjalo. . .ubuso bethu bubheke ngasekushoneni kwelanga, niyabo, kodwa silangazelela lokho *okuthize* ngaphakathi kithi, okushoyo lapho, ukuthi kukhona iNdawo ethize.

53 Kuyini na? Kuyakhombisa ukuthi leyoNdawo isendaweni ethize. Nakhu uhlezi lapha kulentambama. Ngabuka, ngedlula inenekazi, uMoya oNgcwele wavele wathi, "Phenduka." Lalihlezi lapho esihlalweni esinamasondo liphakamise isandla salo. Lenzani lapha na? Nakhu kuhlezi enhle, intombi ihlezi lapha, ikhubazekile; mhlawumbe indoda ihlezi lapha, isifo samathambo; mhlawumbe omunye onenkathazo yenhliziyo.

54 Manje, lababantu abasesihlalweni esinamasondo bangase baphile impilo ejwayelekile. Niyabo, uhlale uzibuza ngezinye izikhathi ngabantu abakhubazekile. Noma ubani angabona ukuthi bakhubazekile, akukho isimangaliso ekubatsheleni ukuthi bakhubazekile. Yilona obukeka ekahle futhi ephilile, khona-ke batshele ukuthi ikuphi inkathazo yabo, leso yisimangaliso.

55 Kodwa ngezinye izikhathi lapho umuntu ekhubazekile bacabanga ukuthi lokho ukuphela kwakho. O, qhabo, qhabo. Bheka nje. Ngi—ngiyazi ukuthi kuyini, kodwa ngibhekile ukubona ukuthi Ungitshela ukuthi angenzeni. Niyabo? Ngingakhuluma kuphela njengoba Ekhuluma. Kodwa niyabona,

bo—bomile, balambele indawo ethize. Kukhona okubatshela ukuthi kukhona amandla endaweni ethile angabakhulula. Awu, impela njengoba lokho kusenhliziyweni yakho, ucabanga lokho, kufanele kube nomthombo, endaweni ethile, wokuphulukisa. Niyabo? Niyabo? Niyabo?

56 Ngaphambi kokuba kube khona indalo, kufanele kube noMdali ozodala indalo. Niyabo? Futhi inqobo nje uma kuwe kukhona ukomela ukuthinta endaweni ethile, kukhona, impela umthombo ovulekile ndawana thize ongawuthinta, ngoba ufanele ubekhona, Okuthize kudale lokho kuwe. Futhi kungukuthi . . . uma belingekho iBhayibheli ukusitshela kanjalo, noma kunjalo bekuzofanele kube yiqiniso, ngoba kunokuthile kuwe okudalwe nguMdali. Futhi ngaphambi kokuba kube khona isifiso, kufanele kube nokuthile ukugcwalisa lesosifiso.

57 Sewake waba nokuthile owawukulambele futhi wangakwazi ukukunambitha na? Emva kwesikhashana wakuthola, kwakulapho-ke. Niyabo?

58 Manje, silangazelela ndawana thize lapho okungekho kufa, kungekho sizi, kungekho zinhlungu zekhanda, kungekho kuguga, leloZwe lindawana thize. Futhi asisoze sakwazi ukulizuza ngezibhamu, nokulwa, nokunye nokunye, ngezikhali zemvelo zenyama, kodwa kukhona iZwe esingaya kulo, futhi kuyimpi ukufika lapho.

59 Ngenkathi uNkulunkulu enike u-Israyeli iPalestine ngenkathi eseGibhithe, kodwa babefanele balwele lonke iyintshi lalo, futhi Watshela uJoshuwa, kuJoshuwa 1, Wathi, "Lapho amathe onyawo lwakho enyathela khona, lokho Ngininikile." Ngakho imilobo yezinyawo isho ifa. Niyabo, qhubekani nihambe, nihamba, nicindezela. Futhi ngaso sonke isikhathi lapho wenza isinyathelo eMbusweni kaNkulunkulu, lokho ngokwakho, kuqhubeke nje . . . Futhi zonke izinto ziyenzeka ezinikeziwe, futhi zonke izinto ezinikiwe ziyenzeka. Kodwa kuyimpi.

60 Futhi ekuzuzeni ngempumelelo kwethu ngempumelelo lapha e—esizweni, ekuzameni ukuqalaza ukuthola ukuthi kwenzakaleni, izinhloli zezinye izizwe zilapha, zisihlola, sinezinhloli laphaya ezisihlolayo. Babheke ukuthi hlobo luni lwesikhali esizoqhamuka. Futhi khona-ke bane . . . bathatha lokho bakubuyisele ezweni lakubo uqobo, futhi bathole okuthize okungathikameza lesosikhali, okuzosidlula, bathole okungconyana.

61 Manje, impi yokuqala engiyikhumbulayo yiMpi yoMhlaba I, nganginguмfanyana. Ngiyamkhumbula ubaba ekhuphuka ngomgwaqo eshayela amahhashi amabili nenqola, yena . . . wayephethe isaka likabhontshisi enqoleni. Futhi sasehla ngoMgqibelo futhi sithenge, isaka likabhontshisi, ne—

nesaka likafulawa, nesaka lempuphu, ne—nezinto ezimbalwa ezinjengalezo ezizosiqhuba iviki lonke.

62 Futhi ngathi . . . ngamuzwa ethi, "Impi isimenyezelwe, Mama. Uyazizwa zonke lezozimpempe na?" Ubaba cishe wayeneminyaka engamashumi amabili nantathu noma amashumi amabili nane ubudala ngaleyonkathi. Wathi, "Ngingahle ngifanele ngihambe."

63 Futhi ngacabanga, "Ubabayi wami uya empini? Ngizothatha lelisaka likabhontshisi, futhi ngishaye othile ngalo uma owami . . . " Niyabo? Futhi ngangiwumfo omncanyanyana nje. Futhi ngiyasikhumbula isibhamu sakhe esikhulu, isibhamu esidala iSpringfield, washo kanjani ukuthi sasingadubula isigxobo socingo. Lesosibhamu esikhlu asisasetshenziswa nhlobo.

64 Izinjini zesitimu ezindala emizileni, ezazivame ukuletha izinhlamvu futhi—futhi zikhuphule amasosha ekhaleni lempini, umfo omkhulu omdadlana leyonjini yesitimu endala yayinjalo, kodwa ayisasetshenziswa, abasenayo nhlobo. Bathole okuthile okungcono kakhulu kunalokho ababenakho ngaleyonkathi.

65 Khona-ke empini elandelayo, i—isibhamu esikhulu iGarand sathatha indawo yeSpringfield, futhi manje banemicibisholo ye-athomu, isibhamu iGarand asisekho. Bahlala bevuselela futhi bethola okuthile okungcono uku—ukulwa nesitha.

66 Futhi siyibutho, iBandla lamaKristu liyibutho likaNkulunkulu. Singamasosha, amasosha esiphambano. Futhi kungumsebenzi wazo zonke izizwe ukubona ukuthi amasosha azo anokungcono ukwedlula konke okukhona. Lutho . . .

67 Futhi ngangishumayela ngobunye ubusuku mayelana nokuzuza ngempumelelo komunye umhlangano ndawondawo, futhi ngakhuluma ngamasosha ethu aseMelika. Ngenkathi uWashington wayeseValley Forge, cishe ingxenye yabo yayigqoke izicathulo, ayengafake zicathulo, kodwa babenojenene owakhuleka ubusuku bonke, washanela wawelela eDelaware ngosuku olulandelayo. Yingakho sineMelika. Ngamadoda, amadoda angamaqhawe ayenokuthile okwakufanele akulwele, asifanele neze siwadumaze.

68 Manje, babenalezozibhamu amamasket ngalezozinsuku, imimese, yilokho okungcono ukwedlula konke ababenakho. Noma yisiphi isizwe . . . Babenokukwedlula konke esasingabanikeza khona. Futhi namuhla, buka umehluko ebuthweni lethu namuhla kunanoma kwakunjalo ngaleyonkathi.

69 Kodwa niyazi, ngenkathi uNkulunkulu . . . Engongenasiphelo, engongenasiphelo Angeke aguquke. Yilapho ukukholwa kwami kuphumule khona, kuseZwini likaNkulunkulu, ngoba LinguNkulunkulu. Futhi Yena uqobo . . .

70 Niyabo, iZwi liwumcabango ozwakalisiwe. Futhi lapho uNkulunkulu ecabanga noma yini engqondweni yaKhe, futhi khona-ke lapho Ekuzwakalisa, kuPhakade. Ngoba akekho umuntu ongcono kunezwi lakhe, futhi uNkulunkulu uPhakade, neZwi laKhe liPhakade kanye naYe, ngoba Liyingxenye yaKhe. Futhi uyingxenye yezwi lakho uqobo, futhi uNkulunkulu uyingxenye yeZwi laKhe uQobo.

71 Manje, ngingasho noma yini, noma isizwe singasho noma yini, onyakeni noma emibili bafanele baqhubeke bekuthuthukisa. Kodwa uNkulunkulu uphelele, futhi isinqumo saKhe sokuqala si . . . Angeke asiguqule nhlobo, ngoba siphelele, ngoba uNkulunkulu ubengeke enze lutho ngaphandle uma kwakuphelele. Ngakho lapho uNkulunkulu . . .

72 Impi yokuqala eyake yaliwa ayiliwanga emhlabeni, yaliwa eZulwini, uMikhayeli neziNgelosi zakhe bemelene noLusifa. Futhi baxoshwa eZulwini, kwase kuthi-ke lelobutho elikhulu likadeveli nabo bonke odevelanyana bakhe bawela emhlabeni. Futhi uNkulunkulu wayazi ukuthi kwakuzobakhona impi.

73 Futhi ngikholwa ukuthi Wayazi kusukela khona kanye ekuqaleni yonke into eyayiyoke ibekhona. Uma uNkulunkulu engongenasiphelo, Wayazi lonke izeze elaliyoba semhlabeni, yonke imbuzane, ukuthi yayizolicwayizisa kangaki iso layo, nokuthi lungakanani unwali eziyolwenza zonke ndawonye. Ungongenasiphelo.

74 Ngakho, uNkulunkulu ongenasiphelo, uzokhethela ibutho laKhe isiKhali esihle kunazo zonke esinganikezwa, futhi WaSikhetha, futhi SasiyiZwi laKhe. UNkulunkulu wanika ibutho laKhe iZikhali zokuhloma ezinhle kunazo zonke elalingake lizisebenzise, futhi elaliyoke lizisebenzise, futhi zazingasoze zadingeka ukuba ziguqulwe, futhi Akakaze neze aSiguqule selokhu. AwuSithuthukisi, Sihlala sifana ngaso sonke isikhathi. YiZwi likaNkulunkulu Aqinisa abantu baKhe ngalo.

75 Akunandaba ukuthi zingaki izinto uSathane ake azithole, zingaki izinto elinye ibutho elike lizithole, noma yini, akusoze kwathatha indawo yokukhetha kokuqala kaNkulunkulu, iZwi laKhe. Wabanika iZwi laKhe, isithembiso saKhe, futhi wathi, "Hlalani naLo," okuhle okwedlula konke obekungaziwa.

76 Manje, isitha sasazi ukuthi inqobo nje uma isintu sihlala naleloZwi, sasingeke sikwazi ukubathinta, (Manje, sengiqala ukuzizwa ngigcwala ukholo khona manje.), inqobo nje uma isintu sahlala neZwi. UNkulunkulu wawuqinisa umndeni waKhe emhlabeni, ibutho laKhe, eNqabeni yeZwi laKhe, leyo yiNqaba yethu. "IGama leNkosi linguMbhoshongo onamandla, abalungileyo babalekela kuWo, balondeke," baqinisiwe.

77 INkosi iyiZwi. Baphakathi Lapho beqinisiwe futhi balondekile njalonjalo, inqobo nje uma isintu sihlala eZwini.

Inqobo nje uma iBandla lihlala eZwini, Liqinisiwe, akukho lutho okuzoLiphazamisa.

78 Manje, isitha, ukuzama ukufaka inhloli lapho, ukuzama ukungena lapho ngandlela thize, kwadingeka athole uhlobo oluthile lweqhinga ukuze asebenze indlela yakhe angene. Yileyo indlela izinhloli ezisebenza ngayo kulesisizwe, uhlobo oluthile lweqhinga lokudlula e—enxuseni nokunye nokunye, bafanele babe nendlela yokuzisebenza qobo lwabo phakathi lapha. Ubukhomanisi babufanele benze into efanayo.

79 Ngenkathi sisacabanga ngobukhomanisi, ake ngininikeze izwi elincane. Lokhu kuzozwakala kuxakile kumshumayeli, kodwa ningalokothi nesabe noma yini ngobukhomanisi, abulutho. Ngifuna noma yimuphi umfundisi, noma yimuphi umfundi womBhalo, ukuba ake angikhombise eBhayibhelini lapho ubukhomanisi buyobusa khona umhlaba. UbuRoma buzobusa umhlaba, ngokweBhayibheli. Ungakubheki lokho, ungacabangi ngobukhomanisi, kungunodoli nje ezandleni zikaNkulunkulu ukugcwalisa intando yaKhe. Khona impela Akusho, Usebenzisa lokho. Kodwa ungalokothi ukhathazeke ngobukhomanisi, ngubuRoma, iBhayibheli lasho.

80 Kunamakhethini amathathu. Njengoba nginishiya kulentambama, ngishiya lokhu nani: Khumbulani, kukhona amakhethini amathathu, elinye lawo libizwa ngokuthi ikhethini lensimbi, elinye lalo ikhethini loqalo, iShayina nokunye nokunye, elampumalanga, bese kuthi-ke kukhona ikhethini elibukhwebezane. Ungalesabi ikhethini loqalo noma ikhethini lensimbi, kodwa qaphela lelo elibukhwebezane.

81 Kungcono niqaphele, umphikukristu uyosondela kakhulu ukudukisa abaKhethiweyo impela . . . Yini abaKhethiweyo na? Ngenkathi lokho kukhanya kukhanya phezu kwaleyo Ndodana iS-o-n . . . ilanga is-u-n likhanya phezu kwembewu ebuswa impilo yezitshalo, izophila. Futhi lapho iNdodana iS-o-n kaNkulunkulu ikhanya phezu kwaleyoNzalo eyamiselwa ngaphambili, Izofika ekuPhileni ngokushesha kangako, masinyane nje, angikhathali ukuthi yisiphi isimo sempilo, Kungahle kube yisifebe, Kungahle kube isidakwa noma umgembuli, Kuzokhanya ngalowomzuzu, lapho nje Kumshaya. "Kudukise abakhethiweyo uma kwakungenzeka."

82 Manje, qaphelani, uSathane wazama ukungena lapho ukuze ahlole, ukuze abone ukuthi, ukuthi wayengasithola kanjani lesosintu, futhi wathatha elinye lamaqhinga adume kakhulu, awu, kwakhombisa ukuthi wayefanele abe ngamandla angaphezu kwemvelo ukucabanga ngakho, futhi wasebenzisa lokhu okokuqala futhi kwaphumelela, futhi ukwenzile kusukela lapho, futhi kusaphumelela emumweni othile, wasebenzisa ukuzindla ngokumelene nokukholwa.

83 USathane uza ku-Eva futhi waqala ukuzindla ngokumelene neZwi likaNkulunkulu, iziKhali ezinkulu uNkulunkulu ayeqinise ngazo abantu baKhe. Uqala ukusebenzisa ukuzindla, "Manje, kuyezwakala kuphela ukuthi uNkulunkulu angeke akubhubhise. Impela aniyikufa." Kodwa khumbulani, bangane, lelo yisu likaSathane kwasekuqaleni, futhi usasebenzisa into efanayo, futhi usaphumelela ngayo, ukuzindla.

84 Bazama ukuzindla, "Kungani singadinga uMoya oNgcwele namuhla na? Kungani singafuna ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu na? Kungani singadinga *lokhu*, futhi singalidinga kanjani elinye iPhentekoste na? Sonke siphucuzekile." Nabo babenjalo.

85 Kodwa niyabona, uma kuthathe noma yini okokuqala nje, futhi noma yini uNkulunkulu abapha yona okokuqala nje, yilokho okuhlala kuyikho. Futhi amaqhinga okuzindla yilokho uSathane akusebenzisa, futhi yilokho ahlala ekusebenzisa, ukuzindla.

86 Siyasazi isitha sethu, ngoba noma yisiphi isitha... Manje, Bazalwane, ngisukile eMfundisweni, niyabo, ngapha, kodwa ngifanele ngisho lokhu. Noma yisiphi isitha esizindla siphikisane, noma, noma yimuphi umuntu, noma yiliphi ibandla, noma iyiphi inhlangano, noma yimuphi umuntu ngamunye ozindla aphikisane nezimpawu zenkulumo ebhaliwe zeZwi likaNkulunkulu yisitha sakho. Kuthatha iZwi ukunqoba isitha.

87 Ngenkathi uJesu waseNazaretha wayelapha emhlabeni akazange Asebenzise amandla aKhe, nokho WayenguNkulunkulu ebonakaliswe enyameni, Akazange asebenzise amandla aKhe ngenkathi uSathane efika emelana naYe, Wathi, "Kulotshiwe." Kwenzenkani...? Wayefanele enze lokho, ngoba u-Eva wahlakazeka kulokho. Futhi lokho u-Eva akulahla, uKristu waphinda wakuthola. Lapho u-Eva ayekelela khona, uKristu waqinisa futhi. "Kulotshiwe, umuntu akayikuphila ngesinkwa sodwa. Kulotshiwe, ungayilingi iNkosi uNkulunkulu wakho." "Kulotshiwe, kulotshiwe!" Kuyini na? Wahlala noMbayimbayi wasekuqaleni. Kodwa u-Eva wayekelela, waqala ukulalela ukuzindla.

88 Futhi kukhona abantu namhlanje abangacishe bakuzindlise ezansi ngqo futhi bafakazise kuwe ukuthi into iyiphutha. USathane waphumelela kakhulu ku-Eva. Kwenzani ukuzindla na? Kukwenza kuhehe. "Awu, manje, uma ngifuna ukukholwa..."

89 Ngiyacela ningangizwa kabi manje. Umuntu ufika endaweni afuna ukuba kuyo...ufuna inkolo. Ufuna ukusindiswa, akafuni ukuya esihogweni. Asikho isidalwa esingumuntu esifuna ukuya kuleyondawo. Ayenzelwanga isidalwa esingumuntu, yenzelwa udeveli nezingelosi zakhe, ayenzelwanga isidalwa esingumuntu.

Manje, kodwa isidalwa esingumuntu sizithumela sona lapho. UNkulunkulu uphonsa lonke ilambu elibomvu Angaliphonsa ngaphesheya kwaso, futhi abantu balwa ngqo ngale kwalo.

90 Ufanele, ngaphambi kokuba ube ngongakholwayo, ufanele wedlule ukukholwa eZwini likaNkulunkulu kuqala, ngaphambi kokuba ube ngongakholwayo. Ufanele weqe ilambu elibomvu likaNkulunkulu.

91 Qaphelani, lababantu, ukuthi uSathane wakwenza kwaheha kakhulu kanjani! Futhi isono siyaheha. Ngiyazi ukuthi angikabi nesikhathi eside kakhulu kulendikimba, kodwa ngithanda ukuthatha isikhathi sami nje imizuzu embalwa. Ake sime kulokho umzuzwana nje. Singaba lapha ekuseni ngendaba efanayo, kodwa ake sibheke nje.

92 Isono ezinsukwini zokugcina, uPetru uyasitshela, ukuthi uyohamba njengebhubesi elibhongayo, uya ngokuba mubi kakhulu. Manje, ngifuna ukunibuza okuthize. Angilahli, ngenza nje isitatimende. Abanye benu madoda amadala, noma asithathe noma ubani wethu, futhi sibuyele esithombeni sowesifazane othile eminyakeni engamashumi amahlanu noma engamashumi ayisithupha edlule owayeyindlovukazi yonobuhle osukwini lwakhe, UPearl White, uScott Jackson, wayefanele ukuba owesifazane omuhle kakhulu waseMelika. Uma ubuyobona isithombe sakhe silenga odongeni, ubungacabanga ukuthi kwakungesasendulo. Kuyini na? Kungukuthi, abesifazane sebebe bahle kakhulu. USathane ubagqokisa ngaleyondlela, ebalungisa ngaleyondlela, ebona ukuthi kuba ngaleyondlela ngoba kuya ngokuheha kakhulu. Kuyi . . .

93 Kungcono ngi—ngikweqe lokho, ngoba ngethembisa ukuthi angeke ngiphinde ngingene kulezozinto. Niyabo? Kodwa ukuthi kanjani, lelo kwakuyithuluzi lakhe lokuqala, ulibuyisela khona ngqo futhi ngosuku lokugcina. Bodade, ningazixubanisi kuleyonto, dedani kuyo.

94 Niqaphelile, kubo bonke ubulili obukhona, owesilisa uhlale engomuhle kunakho konke na? Yikuphi okuhle kunakho konke, ukusho i . . . emndenini wezinyoni na? Buka e—encane, omunye uthe inyoni yeduna, kunjalo. Ake sibuke inyoni yeduna eyiqhude enkulu, ukuthi inhle kanjani, futhi buka esincane, isikhukhukazi esimakhwifikhwifi. Ake sibuke izinyamazane amadiye, inyamazane yensikazi, engenalutho, encane, ebukeka njengeyasekhaya, nenyamazane, isilwane esikhulu esihle.

95 Buka inkunzi nenkomazi, buka inyamazane i-elki, iduna nensikazi, buka noma yini ofuna ukuyibuka, futhi uyohlala uthola ukuthi eyesilisa inhle ukwedlula konke, ngaphandle kwesintu. Futhi owesilisa mubi, futhi owesifazane muhle. Kunjalo. Uma ubona owesilisa omncane, into enhle, khumbula nje, kukhona ukubekwa ngokungesikho kwamagqamuzana ndawondawo.

96 Manje, lokho bekufanele kusenze sonke thina bantu ababi sizizwe sikahle. Kodwa kungukuthi, lapho ubona owesilisa ebukeka futhi eziphathisa okowesifazane, kukhona okuncanyana ukuphendukezela lapho ndawondawo. Futhi ubona owesifazane ezama ukuziphatha futhi abukeke njengendoda, kuphendukezelwe lapho futhi. Bobabili babeyisilisa ekuqaleni, futhi uNkulunkulu wabehlukanisa, Wafaka umoya wobudoda endodeni, futhi wathatha umoya wobufazane, futhi wawufaka kowesifazane. Futhi lapho ubona owesilisa ezama ukuba nobufazane, noma—noma owesifazane ezama ukuba nobulisa, kukhona okungalungile ndawondawo.

97 Qaphelani, ukuze babe munye, kokubili umphefumulo nomzimba, Wathatha ubambo ohlangothini lwakhe, futhi wenza owesifazane. Niyabo? Owesifazane akekho ekudalweni kwasekuqaleni, ungumkhiqizo ovela kamuva wendoda. Niyabo? Namuhla eMelika ungubasi, unkulunkulu, nakho konke okunye. Uzozisonta emgwaqeni futhi athumele imiphefumulo eminingi esihogweni kunawo wonke amajoyinti ogweva ongawabeka phakathi kwalapha naseLos Angeles. Kunjalo.

98 Kodwa nokho, owesifazane olungileyo uyinto enhle ukuzedlula zonke uNkulunkulu angayinika indoda, ngoba kuyingxenye yakhe. Kodwa kuleHollywood ezansi lapha, futhi njengaleyo migodi yesihogo enjengaleyo, yonakalise isizwe nempilo yesizwe, futhi yephula umgogodla ngokuziphatha okubi kobufazane nobumama, ngezinkantolo zezahlukaniso nakho konke okunye.

Ngi—ngizophuma endikimbeni yami. Ngizobuya futhi ngesinye isikhathi.

99 Kuyaheha. Manje, uyakwenza futhi, ukwenza kube ngezemfundo, ubuhlakani. Awusitshelanga yini uMoya oNgcwele kuThimothewu wesiBili, isahluko se 3, ukuthi ngezinsuku zokugcina kuzoba yiqembu lezihlakaniphi ebandleni? "Abanamawala, abakhukhumele, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu, abangenakuthuliswa, abahlebi, abangazithibi, nabazonda abalungileyo."

Wena uthi, "Labo ngamakhomanisi."

100 O, qhabo, labo obizwa ngamaKristu. Niyabo? "Benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha amandla akho bewaphika." Futhi amandla yiZwi elibonakalisiwe. Wathi, "IVangeli lifika kithi hhayi ngeZwi kuphela, kodwa ngamandla nokubonakaliswa kukaMoya." Ngikhuluma ngebutho likaNkulunkulu manje, eliqinisiwe.

101 Kulenza lihehe, licebe, libenyezele. O, yonke into iyabenyezela ngeHollywood, umgodi wezinto zenani womhlaba. Futhi kwakuvame ukuthi sasiya eParis ukuze sitholele abesifazane bethu izimo zesimodeni, futhi manje iParis iza lapha ukuzozithatha kithi. Ngashumayela, lapha esikhathini

esithile esedlule, ngokuthi *Ukuhlaselwa Kwe-United States*, nokuthi *Ukuchithwa KukaHulumeni WaseMelika*, benifanele nikuzwe. Benginesimukanandwendwe sihlezi emsamo, noma, umkhohlisi omncane, enikubiza ngakho, futhi wathi, "*Nangu* yena owesifazane." Futhi—futhi lokho kunjalo.

102 Esiphansi kunazo zonke izizwe, izehlukaniso eziningi eMelika kunoma zikhona emhlabeni wonke uhlanganiswe ndawonye, cishe impela. Esikhohlakele, esingcolile, esinyanyekayo, nempucuko yokugcina, futhi sisoGwini lwaseNtshonalanga, lapho impumalanga nentshonalanga kuzohlangana khona. Kunjalo. Emabandleni ngqo ethu uqobo, khona phakathi kwabantu bakithi uqobo.

103 Kodwa uSathane ukwenza kuhehe. Impela, kuyaheha, isono siyaheha. Kodwa isitha silokhu sithola isicupho esingcono. Sizomhhundula kakhudlwana, futhi enze *lokhu*, futhi enze *lokho*. Futhi ungakhathazeki, angeke amenze abe nqunu ngokuphelele, uyoba ngosabekayo ngaleyonkathi. Niyabo, uyazi nje ukuthi enzeni. Kodwa uSathane ulokhu engenisa isono, futhi leso kwakuyisono sasekuqaleni. Yilapho ephuma khona, nento efanayo njengoba umbuso ungena, impi.

104 Manje, bukani, kodwa uNkulunkulu akadingeki enze nomna yini enye kokwaKhe, aKwenze kuhehe kakhulu. Into kuphela Afanele ayenze ngukuphakamisa ibhanela leZwi laKhe uQobo ngokumelene nesitha. "Lapho i-. . ." iBhayibheli lathi, "Uma isitha singena njengomfula okhahlamezayo, uMoya kaNkulunkulu uyovusa ibhanela ukumelana nawo." Wenzani na? Wenza iZwi, ukuthi Usevele ukushilo, libe yiqiniso kakhulu. Whewu! Ethatha iZwi laKhe elifanayo, futhi nje eLenza libe yiqiniso kakhulu.

105 Anginaso isikhwama sami semali, kodwa senake naqaphela ngemuva kwedola laseMelika na? Ngapha ohlangothini olulodwa inophawu lwaseMelika, ukhozi olunemicibisholo ezinziphweni zalo, uphawu lwaseMelika. Kodwa kwelinye ikhona elibhekene nawe, ngikholwa ukuthi ekhoneni elingakwesokudla, lunesivivane, futhi linokubhaliwe ngaphansi lapho, "UPhawu oluKhulu."

106 Kungani isizwe sakithi singacabanga ngokukwenza, isivivane saseGibhithe, "UPhawu oluKhulu," ngaphezu ngisho kophawu lwethu lokhozi lwaseMelika na? Niqaphelile ngenhla nje kwesivivane kukhona itshe eliyinhloko elimi ngaphezu kwaso, njengeso likhanya na?

107 Manje, kade ngiseGibhithe, nakulezozivivane, ukuthi bengingayithatha kanjani yonke intambama! Manje, angikholelwa ezimfundisweni zezivivane, ngenza umfanekiso kuphela. Kodwa njengoba niqaphela ukuthi isivivane, asizange silemukele itshe. U-Enoke wakha, leso—lesosivivane, ngezinsuku zakhe. Abakwazi ukusiqonda.

108 Manje, banazo zonke izinhlobo zezinkolo kukho, njengoba benazo emgamwini wezulu eliphezulu. Kodwa yonke e... UNkulunkulu waloba amaBhayibheli amathathu, elokuqala lalisezulwini, elesibili lisesivivaneni, elesithathu lisemhlabeni, futhi onke avumelana kwelinye nelinye.

109 Bukani, ukuthi umgamu wezulu eliphezulu uqala ngani na? INtombi. Uphetha ngani na? IMbube ingonyama; ukuFika kokuqala kukaKristu, nokuFika kwesibili kukaKristu. Futhi manje siphakathi kwezinhlanzi ezinqamulene, okungunyaka womdlavuza, kuphelele. Buka u—umbhoshongo lapha, i—isivivane, okokuqala indlela ebanzi, okulandelayo kuba kakhudlwana ngobuncane ngesibalo, bese kuthi okusondele eduze futhi, bese-ke kufika itshe eliyiNhloko.

110 Kwakuyini? ULuther enguqukweni, ekulungisisweni, bese-ke isitha siqala ukuza njengomfula okhahlamezayo, Waphakamisa ibhanela, ukungcweliswa, okunamandla kakhudlwana eMoyeni. Khona-ke lapho isitha siqala ukumboza lokho futhi baqala ukuhlela nokujoyina *lokhu*, *lokho*, no*kunye*, khona-ke uMoya kaNkulunkulu wangena kumaPentecostal, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, bahlela futhi bahamba. Manje, Wenzani na? Awukho omunye unyaka ongafika kuwo, kodwa Uthatha lelobandla lePentecostal futhi akhiphe abaKhethiweyo kulokho, nokuLicija ukuze kuthi uma lelitshe eliyiNhloko lifika phezu kwaLo, Lizofanele lifane nalolonke.

111 Ngani, kunjalo, lawomadwala elele phezulu lapho namakhulu amathani, elele phezulu lapho kusondelene kakhulu ngaphandle kodaka kangangokuthi angeke ugijimise ireza phakathi kwawo. Futhi lapho itshe eliyiNhloko lifika, uKristu eza eTempelini laKhe, Lizofanele lilingane ngokuphelele njengaLolonke. Futhi inkonzo yebandla lePentecostal izofanele iphelele kakhulu kuze kulingane ngqo nenkonzo efanayo Ayenayo lapha, okuzothatha yonke Into oHlwithweni, kuyiBandla. Kunjalo.

112 Manje, "Lapho isitha singena njengomfula okhahlamezayo, Uphakamisa ibhanela ngokumelana nawo." Manje bukani, e-Edene Wabanikeza iZwi laKhe libe yisiKhali sabo, iZwi nje elikhulumile. Khona-ke isitha sangena njengomfula okhahlamezayo, futhi Wathatha iZwi futhi waLenza inyama ukuba lihlale phakathi kwethu, liqine kancane. Phezulu Lapho ekhuluma, nangu Ehamba emhlabeni. Udumo! Uzongibiza "ngomgigqiki ongcwele" noma kanjani, ngakho usungavele ukujwayele manje.

113 O, kuqala kwakuyiZwi eliKhulunyiwe ngaleya, manje naNti, ungaLithinta, Lenziwa inyama. Bese kuthi-ke lapho isitha sisangena njengomfula okhahlamezayo, Wathela iZwi kumuntu, eyisimo sikaMoya oNgcwele. Nakho okwakho *kokuqala*, *kwesibili*, *kwesithathu* futhi, ukulungisiswa, ukungcweliswa,

umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, njengoYise, iNdodana, noMoya oNgcwele, nokunye nokunye, ekuphelelisweni.

114 Manje, qaphela iZwi eliKhulunyiwe. UNkulunkulu phezu kwethu, uNkulunkulu enathi, uNkulunkulu ekithi; iZwi phezu kwethu, iZwi linathi, iZwi likithi. Haleluya! "NingabakaNkulunkulu," Ibutho likaNkulunkulu, limasha liqhubeka. IZwi likaNkulunkulu eliKhulunyiwe phezu kwethu ngeNsika yoMlilo, Ukubonakaliswa kukaNkulunkulu kweZwi laKhe enyameni, manje uMoya kaNkulunkulu, iZwi eliKhulunyiwe, kithi. Amen. O!

115 Manje, njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, kwakukhona iziqhwaga ezweni, niyazi. Futhi ngakho, uSathane futhi uneziqhwaga zakhe eziyizihlakani ezweni. Kunjalo. O, he, iD.D., iD.D., iPh., o L ababili. O, he, he, he! Iziqhwaga eziyizihlakani. O, ziwazi onke amagama, konke ukukhulunywa nokubhalwa kolimi, ziyazi, ziyakwazi nje konke, iziqhwaga eziyizihlakani, kodwa *ngandlela thize* babayizinhloli, futhi lolo uhlelo lwezinhloli. Ngixoleleni manje, mfowethu oyisihlakani, kodwa yinqubo yezinhloli eputshuka phakathi kwenu ukukhipha izimvu futhi uthi, "Ngani, lowo—lowo ngabagingqiki abangcwele! Akunjalo lokho." Uma kuhambisana neZwi, *ku*njalo.

116 Manje, siyazi ukuthi sinezinkohliso yonke indawo. Kunjalo. Yimpi, ufanele usazi isitha sakho, futhi ufanele usazi isiKhali sakho, isiKhali sakho yiZwi. Isitha sakho yinto ethize ezozindla imelane naLo. "Manje, ngiyakutshela, s'thandwa, awudingi ukuthi wenze *lokhu*. Ibandla lethu liyibandla elikhulu kunawo wonke. Sinokuningi . . . " Hhe, e-hhe. Isiqhwaga esiyisihlakani, futhi silaleleni imizuzu embalwa, siyoniyisa kude kakhulu neQiniso, nize ningazi ukuthi nikuphi. Kunjalo. O, sikhohlisa kakhulu, ukhololo waso uphenduliwe, niyazi, futhi sihamba sehla, futhi sithi, "Awu, thina si . . . Kade sisemgwaqeni isikhathi eside, eside."

117 Niyazi, lapha esikhathini esingeside esidlule ngibona lapho u—uphapha waseRoma wamema onke amabandla abuyele ekuqaleni. Ngathi, "Akadunyiswe uNkulunkulu, ngingathanda ukwenza lokho."

118 "Nonke buyelani eRoma, lapho iBandla liqala khona." Ngingathanda ukuba omunye usomlando, omunye umfundi weBhayibheli, noma isifundiswa esithile ukuba sifakazise kimi ukuthi iBandla liqala eRoma. IBandla liqala eJerusalema ngoSuku lwePhentekoste, yilapho iBandla elaqala khona. IRoma yayingahlangene ngalutho nakho. IRoma lalingukuchithakala kwaLo ngenkathi lihlela.

119 Kodwa ngizokutshela inhlangano iqala eRoma. Yiqiniso lelo. Kodwa iBandla ekuzalweni kwaLo, ngesiKhali saLo, liqala ngoSuku lwePhentekoste eJerusalema. Futhi uma

uphapha ohloniphekile efuna ukubuyela emuva kulesosikhathi, ngizojoyina izandla kanye naye, futhi ngithi, “Akabusiswe uNkulunkulu, ngizokubekela konke engingakwenza.” Ngizama ukubuyela kuloloSuku.

120 UMlayezo wosuku lokugcina, isithunywa sokuKhanya kwakusihlwa, ngokukaMalaki 4, sizobe siphendulela izinhliziyo zabantwana zibuyele koyise, iPentecostal, uMlayezo wasekuqaleni. NginaKho kunamathizethize kakhulu, nokunye nokunye, phandle lapha. Thatha iZwi likaNkulunkulu.

121 Izinhloli zisezweni. O, he! Bathanda ukuqophisana nawe. Omunye uyafika lapha esikhathini esingeside esedlule kimi, futhi wayenakho, ukuthi, “Abayikhulu namashumi amabili kuphela abenyukela ekamelweni eliphezulu, abaphostoli abayishumi nambili kuphela abemukela uMoya oNgcwele, ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Sikhuluma lapho iZwi likhuluma khona, sithule lapho Lithule khona,” futhi saqhubeka kanjalo. Ngavele ngamyeka waphephetha isikhashana, njengesikhova som-Irish, konke ukuqophisana nezimpaphe futhi akukho sikhova empeleni. Ngakho wedlula kanjalo.

Ngathi, “Linda, ufanele unginike ithuba lokuchaza lokho. Uthe kwakukhona abaphostoli abayishumi nambili kuphela abemukela uMoya oNgcwele na?”

“Ya.”

122 Ngathi, “Khona-ke uPawulu wayengenawo. Isiphiwo sokuphulukisa kuphela esanikwa abayishumi nambili, usho njalo na? Khona-ke uthini ngoStefanu, owehla futhi washumayela kumaSamariya, futhi wabeka izandla phezu kwabo, futhi wakhipha odeveli emvuselelweni enkulu na? Uthini ngoPawulu eza ehla futhi wabeka isandla sakhe, e, uPetru uyehla, wabeka izandla phezu kwabo futhi bonke bamukela uMoya oNgcwele? Uthini ngeZenzo 10:49 ngenkathi abeZizwe bemukele ukubizwa na? U*kusoka* kuyamangala, phezu kwabeZizwe kwathululwa futhi isiphiwo sikaMoya oNgcwele. Ngoba babezwa bekhuluma ngezilimi futhi bedumisa uNkulunkulu. Base bethi, ‘Singala yini namanzi, sibona ukuthi laba bangabhaphathizwa owemukele uMoya oNgcwele njengoba senza ekuqaleni na?’” Amen. Udumo! Lelo yiqiniso.

123 O, ngijabule kakhulu ukuba noseyili bebekwe emimoyeni yoMoya ovunguzayo onamandla, anijabuli na? Ukuntwezisa udabula eBhayibhelini, umBhalo ngomBhalo.

124 Kodwa ukusheshisa, leziziqhwaga eziyizihlakani zingaphezulu kakhulu kwabantu abathobekile bakaNkulunkulu. Manje, abantu bakaNkulunkulu bebelokhu bengabangafundile futhi abathobekile. Ngitshele nje isikhathi esisodwa okwake kwaba ngenye indlela. Bheka amadodana amabili, bheka abantwana bakaKayini noSeti. U-Abela

wabulawa, okwakungumfanekiso wokufa, ukumbelwa, nokuvuka kukaKristu, uSeti wathatha indawo yakhe.

125 Manje, abantwana bakaKayini baba yizihlakani, abakholwayo, ngoba uyise wayeyisihlakani, uKayini, engokholwayo. Futhi uKayini wakha i-altare, u-Abela wakha i-altare; uKayini wenza umnikelo, u-Abela wenza umnikelo; UKayini wakhonza, u-Abela wakhonza. Futhi uma uNkulunkulu ehlonipha ibandla kuphela, inqubo yalo, ukukhonza kwalo, iminikelo yalo, nokunye nokunye, uma kuyilokho kuphela uNkulunkulu akuhloniphayo, Wayengalungile ngokulahla uKayini, ngoba wayekholwa njengoba nje u-Abela wayenjalo, kodwa akezanga ngendlela efanele.

126 Kuthiwani ngoMowabi na? Kwakukhona u-Israyeli, kwakukhona uMowabi, owayekhonze uNkulunkulu ofanayo esimkhonzayo. Kwakuyini na? Kwakungumntwana wendodakazi kaLoti. Futhi babelapho-ke, baphuma futhi bangenisa umBhishobhi uBalamu, futhi wenza ama-altare ayisikhombisa, njengoba nje ayenjalo ezansi kwa-Israyeli.

127 Manje, u-Israyeli wayengehlelo, wayengenaso isizwe ayengaya kuso, kodwa kwakuya koyedwa. Amen. "Lapha asinawo umuzi omiyo, kepha sifuna Ozayo." Bhekani, uBalamu wanikela ngemihlatshelo eyisikhombisa ehlanzekile, izinkunzi, njengoba nje babenazo ezansi kwa-Israyeli, futhi uBalamu wanikela ngezinqama eziyisikhombisa, ekhuluma ngokuFika kukaKristu, wenza kanjalo no-Israyeli.

128 Khona-ke uma okuyisisekelo kuyilokho kuphela uNkulunkulu akudingayo, izindawo zombili zalungisiswa. Kodwa kwakuyini na? Yini lena uBalamu ehluleka ukuyibona na? Wehluleka ukubona leyoNsika yoMlilo, wehluleka ukubona lelodwala elishayiwe, leyonyoka yethusi ihamba phambi kuka-Israyeli ukuze enze ukubuyisana, wehluleka ukuzwa ukumemeza kwekamu, kweNkosi phakathi kwabo. Wabahlulela ngemisebenzi yabo; UNkulunkulu akahluleli muntu ngemisebenzi yabo, ukwahlulela ngokukholwa kwakho.

129 Qaphelani, ngifuna ukukucacisa lokho, mayelana nowesifazane omncane izolo ebusuku, futhi. Kwakungeyona imisebenzi yakhe yokugeza ezakhe. . .izinyawo. Wamlungisisa ngaleyonkathi phambi kukaSimoni ngokusho lokho ayekwenzile, Wamlungisisa ngemisebenzi, lokho ayekwenza. Kodwa lapho Emlungisisa ekuboneni kwakhe uqobo, Wathi, "Ukukholwa kwakho kukusindisile," ngoba akukho muntu olungisiswa ngemisebenzi. Ngokukholwa kwakhe kuYe eyiNdodana kaNkulunkulu, hhayi lokho ayekwenza, kodwa ukukholwa kwakhe kuYe. Futhi ukukholwa kwakho kuhlala kusho imisebenzi yakho. Kunjalo.

130 Leziziqhwaga eziyizihlakani ziyi, ngalezozinsuku zazikude. . .zona. . .Bukani ukuthi abantwana bakaKayini baba yini: ososayensi, odokotela, abasebenzi bensimbi, amadoda amakhulu emhlabeni. Kodwa babeyini abantwana bakaSeti na? Abalimi, abelusi bezimvu. Niyabo? Babengenakuqhathaniswa nabo nhlobo, futhi uNkulunkulu wasifanisa nezimvu.

131 Uma noma ngubani ake afuya imvu, imvu iyi, into eyodwa, uma ilahlekile, ilahleke ngokuphelele. Angeke iye ndawo ngaphandle komelusi. Futhi yileyondlela uNkulunkulu asenze ngayo, asizibizi ngesihlakani, sinoMelusi wezimvu nje, yilokho kuphela, futhi Usithatha asizungezise edlelweni kuya edlelweni.

132 Ngakho namuhla lezizinhloli ezinkulu eziyizihlakani zingaphezulu kakhulu kwabampofu, abantwana abathobekile bakaNkulunkulu. Manje, uJuda wathi, eNcwadini kaJuda, okokugcina kwe. . .uJuda lapho, washo ukuthi, "Bangene ngesinyelela phakathi kwethu," bangene ngesinyelela. Niyabo? Yilokho okubangela ukuthi baphumele kulokhu ukuthukuthela kwengane abakwenzile. "Bangene ngesinyelela phakathi kwethu, amadoda amiselwa ngaphambili kulokhu kulahlwa."

133 Bangene ngesinyelela phakathi kwethu, basisusa eZwini, besibangela ukuba silahlekelwe ukukholwa eZwini, izindawana zokuzulazula, imikhumbi engenaseyili. UMoya ovunguzayo wawungaphephetha, futhi bavele bathole insika yenhlangano endala efile imi lapho, ithi, "*Wuu*! Izinsuku zezimangaliso selwedlule. *Wuu*! Ayikho into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu."

134 Kodwa uma unoseyili wangempela kamoya ohlezi phezulu lapho, uMoya uyawucosha futhi unqamule uye kude emazweni abangazi lutho ngawo. Kunjalo. Yebo.

135 Kukubangela ukuthi ulahlekelwe ukukholwa eZwini ngezehlakalo zabo zasekolishi eziphucuzekile. Bahlasela uNowa ngendlela efanayo, bahlasele abantwana bakaNkulunkulu ngaso sonke isikhathi ngendlela efanayo. UNimrodi wazakhela umbhoshongo ukuze abalekele izinhlupho zikaNkulunkulu, kodwa awuhlalanga kade, uNebukadinesari wazakhela umuzi, kodwa wawa.

136 UNowa, akha umkhumbi, ubungacabanga nje ososayensi ngalezozinsuku ababengakha isivivane ebesingeke sisakhe namuhla, babengagqumisa umzimba ngoketshezi esingazi lutho ngalo? Izinto eziningi esingakaze sizifunde nokho bayazazi. Ungabacabanga nje labososayense bethi, "Wena waka omdala! Ngikhombise. Singadubula inyanga ngesibonisi irada yethu nezinto, akukho ngisho ichashaza lamanzi phakathi kwalapha nalaphaya. Izofika kanjani na?"

137 Kodwa uNowa wathi, "UNkulunkulu, uma Ethembise amanzi, Angawabeka amanzi lapho." Niyabo? Impela. Kuningi

kakhulu kulababantwana namhlanje, lababantwana abancane abampofu, izihlakani.

138 O, buka usuku lwe. . .ngenkathi uJehoshafati ehla futhi ehla ezinkundleni zakhe, futhi wahlangana no-Ahabi. Futhi u-Ahabi, njalo imbazo yokugaya, futhi wathi, "IRamoti-gileyadi ayiyona yini eyethu na?"

Wathi, "Impela, uJoshuwa, ekwehlukaniseni izwe, usinika yona."

Wathi, "Kulungile."

139 Kodwa niyazi, uJehoshafati wayeyindoda elungile, kodwa ephumile nje endaweni yakhe. Yilokho okuyinkinga ngendoda amaningi namuhla kwezinye zalezizindawo zokugcina izidumbu zokomoya, amaqhwa elengela phansi, okokulinganisa ukushisa, ukukhuluma ngokomoya, emashumini ayisishiyagalolunye ngaphansi kukaziro. Ngena lapho, futhi uthi, "Amen," noma "Akabongwe uNkulunkulu," wonke umuntu welula intamo yabo njengeqhude lehansi, futhi eqalaza, abone ukuthi kwenzekeni. Efile, efe kabili, wahluthulwa ngempande. Bayakhohlwa mayelana. . .

140 Ngangishumayela ngobunye ubusuku, futhi owesifazane wakhamuluka futhi wamemeza kakhulu, umfowethu omncane oyiBaptisti wangitshela, ngosuku olulandelayo wathi, "Bengiwujabulela umlayezo wakho kwaze kwaba yilapho lowo wesifazane ememeza kakhulu." Wathi, "Uyazi lokho kwenza amakhaza agijime emhlane wami."

141 Ngathi, "Mfowethu, uphila ezweni elithule kunawo wonke owake waphila kuwo. Uma uya esihogweni, kuyoba khona ukukhala nokulila nokugedla amazinyo. Uma uya eZulwini kuyoba khona ukukhamuluka nokumemeza kakhulu ngaso sonke isikhathi. Ngani," ngathi, "Ndoda, uma lokho kwenza amakhaza agijime emhlane wakho," ngathi, "kuyokwenzani lapho ufika eZulwini na? Ngani, ubuyogodolela ukufa lapho ufika Lapho!" Ngathi, "Uyoba ngaphandle kakhulu kwendawo. Ngokuba ngisho iziNgelosi, ngamaphiko phezu kobuso nezandla zi, e, phezu kwezinyawo zazo naphezu kwezinyawo zazo naphezu kobuso bazo, ziyacula, 'Ingcwele, ingcwele, ingcwele, INkosi uNkulunkulu uSomandla! Ingcwele, ingcwele, ingcwele!'"

UNkulunkulu uyinto ekhonzwayo, uNkulunkulu ungukukhonza, ukukhonza. Uma noma yini engihlonipha ngayo abantu bePentecostal, ngukudedela nokukhonza uNkulunkulu. Yebo.

142 Iziqhwaga eziyizihlakani. Nakho kumi uJehoshafati, wayejwayele ukukhonza uNkulunkulu, nangu u-Ahabi. Futhi uJehoshafati, kusobala, engumuntu kaNkulunkulu, wacabanga ukuthi into yokuqala kuwukubuza uNkulunkulu. Lokho yinto enhle ukwedlula konke. Wathi, "Sifanele sibuze uNkulunkulu."

143 "O," u-Ahabi wathi, "impela, Wena wakoMkhulu, Mnumzane, Nkosi yami. Yebo, Mnumzane, Wena wakoMkhulu. Ngani, impela! Nginekolishi ezansi lapha ligcwele bona phama, nginamakhulu amane amahle kakhulu elikhona."

Wathi, "Babize bakhuphuke."

144 Futhi nakhu kwenyuka uDokotela, Ph.D., L.L, bonke benyukela lapho, noMikhaya weza, nabo bonke benyukela lapho, e, hhayi uMikaya. Bonke abaprofethi benyukela lapho, futhi bathi, "Profethani futhi nisitshele: Siyakukhuphukela eRamoti-gileyadi yini, lapho uJoshuwa, uNkulunkulu asinika khona lelozwe na?"

Futhi baqhubeka behla, futhi babuza uNkulunkulu, futhi bakhuleka, futhi bakhuleka, bayabuya futhi bathi, "Yebo, khuphuka, iNkosi inawe."

145 UHezekiya wahamba futhi wazenzela izimpondo ezinkulu, wagijima wadabula isixuku, wathi, "Ngalokhu, lezizimpondo zensimbi ezinkulu, uzoqhubukusha iRamoti-Gileyadi . . . uqhubukushe amaFilisti athi ngqu aphume ezweni, noma, amaSiriya. Uzobaqhubukusha bathi ngqu ngaphandle kwezwe ngalokhu."

"O! Manje, ake sizindle. Manje," uthi, "wazi kanjani ukuthi kunjalo na?"

"Bukani lapha, uNkulunkulu usinike lelozwe. Ukudla okulinywa kulelozwe kuya kwa-Israyeli, uNkulunkulu wasinika khona ngoJoshuwa."

"Amen," bonke bathi. "Kunjalo, Mnumzane, Wena wakoMkhulu."

"Futhi isitha sethu ziyazikhuluphalisa ezweni lethu, akulungile."

"Amen. Lokho kuzwakala kahle."

146 Akuzwakali kahle, ngokobuhlakani na? Kodwa niyazi, kukhona into efana nalokho, eyingayishayi nje indoda kaNkulunkulu ngaso sonke isikhathi. UJehoshafati waqalaza, wathi, "Ingabe yilokhu konke onakho na?"

147 "Ngani," wathi, "sinamakhulu amane lapha nganhliziyonye! Ngani, isikole sonke siphandle lapha! Onke amakolishi ahlangene, onke alapha."

148 Akuzange kukhale ngandlela thize; lokho kwakuyileyoNzalo eyamiselwa ngaphambili, niyabo, lapha.

Wathi, "Awunaye omunye futhi na?"

149 Wathi, "Yebo, nginaye omunye, kodwa ngiyamzonda. Ngiyamzonda." Wathi, "UnguMikhaya, indodana ka-Imla." Kodwa wathi, "Ngiyamzonda, ngoba uhlala njalo ephrofetha okubi ngami." O, mfowethu! UNkulunkulu ayibusise leyondoda.

Wathi, "Nazi zonke izinhlangano zethu, zonke nganhliziyonye," njenge-U.N. phezulu lapho manje.

150 Niyazi iBhayibheli lathi Uyo—Uyobopha ukhula kuqala. Impela bayaboshelwa ndawonye, bonke eMkhandlwini wamaBandla oMhlaba, bonke behamba, yilapho konke kuphokophelele khona. Lokho kunikeza iBandla ithuba lokukhula-ke. Kulungile. Thola ukuhlushwa okuncane lapho ungondliwanga kahle nakho konke, kufanele kufuqwe ndawonye. UNkulunkulu unendlela yokwenza izinto, niyazi.

Ngakho into yokuqala niyazi, lokho konke . . . Wathi, "Thumela futhi umthole. Asimuzwe, sibone ukuthi uzothini."

Wathi, "Ngiyanixwayisa ngaphambi kokuba afike, lowomfo akenzi lutho ngaphandle kokungigxazisela ngamathe ngaso sonke isikhathi."

"O, inkosi mayingasho njalo."

151 Ngakho bathumela ibhodi lamadikoni ukuba limlande, ukuba nalomhlangano. Ngakho lapho bethola . . . befika bemthola, bathi, "Buka, Mikhaya, uyazi ukuthini? Ubukade ukhishiwe enhlanganweni, uyaqonda. Awusekho enhlanganweni nhlobo, besifanele sikuxoshe. Futhi ngiyakutshela manje, uyazi, futhi ungumIsrayeli, njengoba nje sinjalo sonke, uyazi ukuthi iRamoti-gileyadi ingeyethu.

152 "Manje, ngizokutshela ukuthi wenzeni, uma ufuna ukuthola umusa, futhi ubuyele endaweni yakho efanele futhi na—nabazalwane, ngiyakutshela ukuthi wenzeni, hamba uye lapho futhi usho into efanayo abayishoyo."

153 Mfowethu, wayekhonkotha esihlahleni ekungesiso ngaleyonkathi. Lolo hlobo lwezinto aluhambisani nendoda kaNkulunkulu, umprofethi. Wayazi ukuthi okwakumqinisa kwakuyiZwi likaNkulunkulu.

Wathi, "Kuphila kweNkosi, ngizosho kuphela lokho Ekubeke emlonyeni wami." O, amen. Nakho lapho okhona. Yisho nje . . .

154 Manje, uma yena . . . Omunye uthi, "Yilokho engikwenzayo, futhi." Wonke umuntu ubeyozama ukusho lokho, kodwa uma ebeka okuthize phakathi lapho okuphambene neZwi laKhe, kwakungudeveli owakufaka lapho, hhayi uNkulunkulu. UNkulunkulu ubeka iZwi laKhe kuphela.

155 Bhekani lapho lowomprofethi efika khona, Wayazi ukuthi iZwi likaNkulunkulu leza kubaprofethi. Futhi u-Eliya, umprofethi, wayesevele emqalekisile u-Ahabi ngenxa kaNaboti, futhi wathi izinja zaziyoxhapha igazi lakhe. Ngakho uNkulunkulu wayengakubusisa kanjani lokho ayekuqalekisile na?

156 Ngakho uMikhaya wathi, "Linda, futhi ngizobona ukuthi Uthini." Niyabo uzoba nombono kuqala futhi awuqhathanise

neZwi. Kuhlale kunjalo. Qhathanisa neZwi, leyo yi-Urimi neThumimi kaNkulunkulu. Ngakho khona-ke, ngenkathi e—ehamba, wathi, "Nginike ubusuku." Futhi ngalobobusuku, kungenzeka ukuthi wakhuleka ubusuku bonke, futhi iNkosi iza kuye, yamtshela ukuthi athini.

157 Wehla, ngokusa okulandelayo, wathi, "Qhubekani nikhuphuke, kunjalo, kodwa ngibone u-Israyeli ehlakazekile njengezimvu, ezingenamelusi."

158 Niyabo? Wayenzeni na? Wayeqhathanise umbono wakhe neZwi, futhi wayazi ukuthi wayeqinisile ngokuphelele, lapho. Akunandaba ukuthi bangaki labo abayizihlakani, abakhulu, abaphakeme, abaqeqeshwe esikoleni, nezifundiswa eziphucuzekile, namakolishi, lokho akuzange—akuzange kumfiphaze nakancu uMikaya. Ngani? Wahlala eqinisiwe ngumbono wakhe weZwi. Wayelapho-ke.

159 Omunye wabo wammukula emlonyeni, wathi, "Manje, asisoze sakungenisa enhlanganweni." Wathi, "Ake ngikubonise okuthize, Mikhaya. Akunangqondo yini . . .?"

160 Angikhathali ukuthi kungakanani "ukuzindla kukho," uma kuphambene neZwi likaNkulunkulu, kuphambene neZwi likaNkulunkulu. Uma kufika isiqhwaga esiyisihlakaniphi, sathi, "Asiwudingi uMoya oNgcwele. Asikudingi lokhu kuphulukisa ngokukaNkulunkulu." Lokho, angikhathali ukuthi kubukeka kunengqondo kangakanani, uma kuphambene neZwi, uNkulunkulu wanikeza isithembiso. Amen.

161 Bathi, "Lokho nje kwakungokwabaphostoli kuphela." Ngiyazibuza nje ukuthi bathathaphi . . . UPetru wathi ngoSuku lwePhentekoste, "Phendukani, yilowo nalowo futhi nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu, kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, khona niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele. Ngokuba isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, nesabo bonke okude, ngisho nabobonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Amen. Okwabaphostoli nje? Okwawo wonke umuntu obiziweyo. Ya, ungasilaleli leso siqhwaga. Niyabo?

162 Sibambene, iBhayibheli liyasho lapha, hhayi nenyama negazi. Asizami ukwephula lokho okwesekela unyawo eringini yokubambana nenyama negazi, kodwa sizama ukwephula okusekela inhliziyo komoya obambe abantu, wangena enqubweni yabo, enhliziyweni yabo, ubenza benze futhi basho izinto engalungile. Impela.

163 Ngangivame uku . . . Uyazi, ngangingothanda ukushaya isibhakela qobo lwami. Ngithole . . . ngaba nokungahlulwa kwiBantamweight Championship kwezifunda ezintathu—ezintathu. Ngangivame ukubuka abafo beza eringini nazozonke izinhlobo zezinto ezifekethisiwe, konke okufekethisiwe, kulenga kubo. Lokho akuzange kubenze izilwi, ngesinye isikhathi lokho

kwakungukuzenzisa. Lokho kwakungahlanganise lutho nawe. Uma ubungenawo amandla afihliwe lapho ukuze uphule izibambo!

164 Futhi yileyondlela esizama ngayo ukuletha amabandla ethu namuhla, ngemibhoshongo ephakeme kakhulu, amabhentshi amahle kunawo onke, izixuku ezigqoke kahle ukwedlula bonke. Lokho akwephuli okusekele unyawo. Qhabo, kuthatha lawomandla afihliweyo kaMoya kaNkulunkulu, leloZwi phakathi lapho ukugqabula ukubamba. Kunjalo.

165 NjengoPetru wayenjalo, wayekahle ngenkemba yakhe. Ngenkathi uJesu engene enkathazweni, wahosha inkemba yakhe, wayengawisa noma kanjani, futhi anqume umpristi omkhulu, indlebe yenceku yakhe ngenkemba, kodwa lapho kufika ekubeni nesibindi sobuKristu sangempela, wayengenaso. Yebo. Kodwa isibindi sokomoya, waphika iZwi elenziwe inyama emi phakathi kwabo ngqo.

166 Wayekahle ngenkemba yakhe, kunjalo. Wayengakwazi ukulwa kwababili ngesivumokholo kahle njengoba noma ubani ubengenza, kodwa yena, uma sekuza ekubeni nesibindi ngokukamoya, wayengenaso. Ngakho wehluleka khona lapho. Manje, ngani? Wayazi into eyodwa kuphela, isivumokholo sakhe. Kodwa mfowethu, emva kokuba esenyukele ePhentekoste, wahloma zonke iziKhali zikaNkulunkulu. Manje, mbhekeni, usengumuntu ohlukile manje, usehlome zonke iziKhali.

167 Kwakuyini na? LeloZwi ayehambe nalo lalikuye, limshisa ngoMlilo enyameni yakhe nasemphefumulweni, wayefake zonke iziKhali zikaNkulunkulu. Lezo yiziKhali ezihlinzekwe nguNkulunkulu. Wayenombhaphathizo, egcwaliswe ngoMoya oNgcwele. Kuyini na? UNkulunkulu Uzenza abekhona njalo ebuthweni laKhe uQobo. UNkulunkulu, ngoSuku lwePhentekoste, wathumela phansi iziKhali ezigcwele zikaNkulunkulu zebutho laKhe, lowo kwakunguYe uqobo phakathi kwenu.

168 "Kuseyisikhashana, izwe lingabe lisaNgibona; nokho niyoNgibona nina, ngokuba Ngiyoba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe." UJesu Kristu nguye izolo, namuhla, naphakade. UMathewu 28. Kulungile. Ukuthi Unakho... Unathi, kithi, Leso iziKhali, NguYe. UyiZwi, futhi UnguMoya oNgcwele, noMoya oNgcwele ukithi, oyiZwi lenza isithembiso sibonakaliswe. Lesi isithembiso, uKristu uyiZwi, futhi UyaLibonakalisa.

169 UMoya uphilisa iZwi, wenza i...Ngamanye amazwi, UyiMpuqumpuqu othumela inhlamvu iphume lapho nakho. Njengoba kwakuyiMpuqumpuqu ngenkathi uDavide ehlangana noGoliyathi nendwayimane enetshe phakathi. Wayenendawo eyodwa kuphela ayezoshaya kuyo, futhi lokho kwakuphakathi

*lapho* ngqo, okunye kwakho kwakuhlomile, kodwa uNkulunkulu wangena kulowomoya.

170 Kwakuyini na? Wayenamatshe amahlanu nendwayimane. Buka, k-h-o-l-o *ku* J-e-s-u. Nangu eza, kukhona into elungiselela ukwenzeka, ngoba nanto iZwi, isithembiso, namandla okuLijikijela. Yilokho esikudingayo namhlanje, ngumuntu ozothatha iZwi likaNkulunkulu ngamandla kaMoya oNgcwele emva kwakhe ukuLicindezela liphumele lapho futhi aLibuke lifezeka. Lelo yibutho likaNkulunkulu. Amen. IZwi laKhe loMlilo, ibutho laKhe lonke lembethe uBukhona baKhe obuhlala bukhona phakathi lapho, lihamba nathi. “Ngizohamba nani, ngibe kini. Akusinina enikhulumayo, uBaba ohlala kini, Wenza imisebenzi.”

171 Ebuthweni laKhe, Wethula ibutho laKhe ngesimo sezikhundla ezinhlanu, okokuqala, abaphostoli, abaprofethi, abafundisi, abelusi, abavangeli. Lelo yibutho laKhe, lawo ngamasosha aKhe, lawo ngamagosa aKhe, bonke benombhaphathizo kaMoya oNgcwele, elindile phandle lapho ukuhlangabezana nesitha kunoma yiziphi izinkundla esiza kuzo, ukuhlangabezana nesitha ngeZwi likaNkulunkulu. Amen. Yilowo nalowo esekela omunye, kanye naYe, uKaputeni oyiNduna, hhayi phandle lapho ngaphambili, phezulu *lapha* ngaphezulu, emuva ngemuva, kodwa *phakathi* kuzo. Amen. Ibutho lelo. Ukuqinisekisa. Uqinisekisa ini? Ukuvuka kwaKhe, ngobufakazi bemisebenzi yaKhe.

172 NgokukaJohane 14:12, uJesu wathi, “Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza.” Kuyini na? NguNkulunkulu eBandleni kulezizikhundla ezinhlanu ezamiselwa ngaphambili, esekela lonke iZwi Alisho ngoMoya oNgcwele qobo lwaKhe phakathi lapho, okuyiZwi elibonakalisiwe, efakazisa ukuvuka kwaKhe, efakaza ukuthi Uyaphila.

173 Zonke ezinye izinkolo zifile, izimo zazo zifile, yinye kuphela eqinisileyo, futhi leyo ubuKristu, ngoba uKristu uphila eBandleni likaKristu, amen, enza amaZwi aKhe abonakaliswe, ngokuba Uyafana. Uma KuyiZwi elifanayo, Liyokwenza izinto ezifanayo, futhi likhombise imisebenzi efanayo, nezibonakaliso ezifanayo, UMathewu 28 usho njalo, yibani nebutho laKhe, phakathi kwabo, nibalonde. Cabanga ngakho, uJenene weZwi oMkhulu, ukuNqoba, *phakathi* kithi.

174 Kungenzeka ukuthi nginigcina isikhathi eside, angifuni ukunikhandla. Kodwa bukani, abantu ekhaya bajwayele ukuhlala amahora namahora lapho sifundisa. Ngizozama ukunqamula imizuzu embalwa nje. Angifuni ukuba niphume, ngifuna ukunikhulekela ngaphambi kokuba nihambe. Ngicabanga ukuthi lokhu kubaluleke kakhulu kini kunanoma

yimuphi umugqa womkhuleko. Niyabo? Impela kunjalo. Manje, uma nje nizolalela. Niyabo?

175 UJenene oNqobayo oMkhulu, Owehla futhi wenziwa, iZwi lenziwa inyama, lathatha leloZwi futhi lanqoba uSathane kuyo yonke inkundla, futhi lathi, "Dilizani lelithempeli, Ngizolivusa ngosuku lwesithathu." Futhi ngani na? UDavide eZwini washo lokho "Angiyikuvuma ONgcwele waMi abone ukubola; kanjalo angiyikushiya umPhefumulo waKhe esihogweni." Futhi Wayazi ukuthi leso kwakuyisithembiso esisodwa sikaNkulunkulu, ukuthi Wayezovuswa, futhi Wathatha leloZwi, futhi wayesefa nalo, futhi azi ukuthi leloZwi lalifanele lifezeke.

176 Alikho nelilodwa iZwi uNkulunkulu alithembisile ngaphandle kwalokho okuzofezeka. Wathi, "Kuyodlula amazulu nomhlaba, kepha iZwi laMi aliyikwehluleka." Sonke isithembiso siphelele. Futhi kulesosithembiso esisodwa emBhalweni, "Angiyikushiya ONgcwele waMi, abone ukubola, angiyikuMvumela ukuthi abone ukubola; kanjalo angiyikushiya umphefumulo waKhe esihogweni . . . "

177 Manje, uJesu wayazi ukuthi ukubola kungena emzimbeni emva kwamahora angamashumi ayisikhombisa-nambili, ikhala liwela phakathi, umngcwabi, uma ekhona, uyokwazi lokho. Manje, ukubola kuhlala emzimbeni, futhi uDavide wathi, ngoMoya oNgcwele, indoda, ephefumulelwe, iZwi leNkosi liza kulomprofethi, wathi, "Angiyikushiya ONgcwele waMi abone ukubola." Futhi Wayazi ngaphambi kokuba ingqamuzana elilodwa libole, Wayeyovuka aphume ethuneni.

178 Ngani na? WayeyiZwi, eqiniswe ngeZwi. Futhi Wavuka, Wanqoba ukufa, isihogo, nethuna, futhi, qobo lwaKhe, ubuya ngesimo sikaMoya oNgcwele ukuze aqinise impi yaKhe yalolusuku lokugcina, kulokhu kuhlasela okukhulu, lapho leziziqhwaga ezinkulu eziyizihlakaniphi zivuka, zizindla ngokumelene neZwi, kodwa "Angiyikunishiya niyizintandane, Ngizobuya futhi, futhi ngibe nani, kini."

179 Futhi, Wathi, "Ngizokhuleka kuBaba, Uyonithumelela omunye uMduduzi, onguMoya oNgcwele. Uyohlala nani kuze kube phakade." Kuyini na? IZwi, uMbayimbayi kaNkulunkulu esidalweni esingumuntu, ubonakalisa ukuvuka, cabanga ngakho, lowoMnqobi omkhulu, Owanqoba konke ukugula, wanqoba zonke izinkolelo-ze, wanqoba zonke iziqhwaga, wanqoba konke okwakufanele kunqotshwe emhlabeni, wafa, wanqoba isihogo, wanqoba ukufa, wanqoba ithuna, wanqoba imikhathi, wenyukela kweliPhezulu, wabuya esimweni sikaMoya oNgcwele. Futhi singaphezu komnqobi ngaYe osithandayo. Amen.

180 Yeka ibutho! Njengebutho elinamandla, kumasha isosha elingumKristu. Amen. UkuNqoba okukhulu, Ukithi. Hhayi mina, Usevele ukunqobile, Angisadingi, ukwenza utho kodwa

ngiMkholwe nje futhi ngihambe ngiqhubeke. Yebo, mnumzane. Ngokuba Uvukile, uMoya waKhe ukithi, uMnqobi omkhulu, uBukhona bokuvuka bukithi.

181 Sivukile ezintweni zezwe, ekungakholweni nezivumokholo saya kuKristu ophilayo, niyabo, ngawo wonke amandla esitha anqotshiwe. Ngisho nokufa uqobo kunqotshiwe, isihogo sinqotshiwe, ithuna linqotshiwe, konke ukugula kunqotshiwe. Amen. Hhayi, mina umnqobi, Wanqoba. Hhayi lokho engiyikho, lokho Ayikho. Amen. Ukuphi Yena na? Kimi. Ngedlulile ekufeni ngangena ekuPhileni.

Omunye wathi, "Billy, uziphathisa okwesithutha."

182 Awu, mhlawumbe ngiyiso, kodwa ngizizwa ngingcono ngalendlela, ngiyeke nje. Kunjalo. Phakathi *lapha* nginokuPhila, phandle *lapho* ngangifile. Ngingcono kakhulu ngiphila namuhla. Amen. O, ngiyakuthanda! Akahambi phambi kwethu, Uhamba ngaphakathi kithi.

183 Kwaqubuka umlilo omkhulu wehlela eJeffersonville, lapha kungekudala. IPfau Army, noma, inkampani yaqala ukusha, futhi bathumela futhi bathola umnyango wezicishamlilo. Futhi uMnyango Wezicishamlilo waseJeffersonville umile uzungezile njengomfana onepayipi elincane, induna izulazula lapho nesigazu njengejongosi laseTexas elinqindwe izimpondo, ihamba izungeza lapho ithi, "Thelani amanzi amancane phezulu *lapha*." *Phafu*, *phafu*, *whewu*! *Phafu*, *phafu*, *whewu*! "Thelani amanzi amancane phezulu *lapha*, bafana. Wozani, wozani!" Wonke umuntu uyabona ukuthi wayeyinduna. "Thelani amanzi amancane phezulu *lapha*."

184 "Awu," bathi, "sifanele sithole omunye umnyango wezicishamlilo. Yena, abenele." Kwathunyelwa ezansi eClarksville, nampa beza, *bha*, *bha*, *bha*. Bakhuphukela lapho, naleyonduna yaphuma, yaxhawulana nenye induna, behloniphana.

185 Futhi ningaba kanjani nokukholwa, lapho nihloniphana? *Brrrrr*, he! Indoda ethile enkulu, umbhishobhi, umfo omkhulukazi, igosa: Lutho! Singabafowethu nodadewethu kuKristu Jesu, akukho lutho olukhulu phakathi kwethu, yiLokho okukithi okukhulu, uNkulunkulu, uMoya oNgcwele, kithina sonke okholwayo. Abekho ababhishobhi abakhulu abangcwele nofata abangcwele, nguMoya oNgcwele osebantwini. Yebo.

186 Ngakho-ke nakhu kuza loMnyango Wezicishamlilo waseClarksville, "Sawubona kusihlwa, Bhishobhi, ha, ha." Yebo, kanjalo. Isakhiwo sasha sangqongqa.

187 Emuva kwesikhashana bafonela eLouisville. Mfowethu, babenokuthize ngaleyonkathi. Ngingavele ngime lapho manje futhi ngibone lelohhuku nelada linqamula lapho. Futhi bona

behambisana lapho, bethi, "Phula lelo *fasitela*. Thela amanzi amancane *lapho*."

188 Ngenkathi leyoLouisville, ibutho elikhulu eliqeqeshiwe lezicishamlilo likhuphukela lapho, bayaluzisa lelololi ngalapho emgwaqeni mfowethu. Bahlanza ingxenye yomgwaqo lapho bephenduka. Ubani owayesekupheleni kwelada na? Babenelifthi enamandla eyaliphonsa phezulu. Ubani owayesekugcineni kwelada na? Induna yomlilo qobo lwayo. Amen. Lapho bona . . . Yayiphethe ipayipi esandleni sayo nembazo ngesinye isandla, yathi, "Liyeke lihambe." Futhi badonsa lesosigwadlulo.

189 Ubani owahamba kuqala na? Induna yomlilo. Lapho lishayisa odongeni, yathatha leyombazo ngaphambi kokuba ilada lincike odongeni, yayishaya efasiteleni, yathi, "Wozani, bafana!" Hhayi, "Qhubekani, bafana." "Wozani, bafana!" Haleluya! Yilokho uKristu akwenzile. IZwi lafika, laphila njengomuntu, lanqoba ukufa, isihogo, ithuna, alizange lithi, "Qhubekani." Yathi, "Wozani, Nginani." Mm! Umlilo waphela ngokukhulu ukushesha.

190 Yilokho okuyikho, uMnqobi omkhulu. Asidingi amahlelo amakhulu ayisiqhwaga ayisihlakani, "Ngisonta ebandleni elikhulu kunawo wonke edolobheni." Umbhedo. Ngisonta kweLincane kunawo wonke, kodwa yilo Lelo.

191 Sengibe semndenini wakwaBranham iminyaka engamashumi amahlanu-nantathu, angikaze ngicelwe ukuba ngijoyine umndeni. Ngazalwa nginguBranham. Kunjalo. Yileyondlela ongumntwana kaNkulunkulu ngayo, uzalwa ungumntwana kaNkulunkulu ngokuzalwa okusha. Induna eholayo kuzo zonke izimpi; iNduna yethu enkulu ihola indlela ebuyela eKhaya.

192 Lapho izizwe . . . Lalelani manje, sengivala. Ngenkathi izizwe, lapha kungekudala, ziqala ukunikeza isigqoko sokuvikela sebutho labo, manje, babazi ukuthi kwakuzodingeka basisebenzise, babazi ukuthi kuzoba namabhizela andizayo, ngakho babazi ukuthi babefanele basisebenzise. O, kungase kungabonakali kudingekile kangako ekuqeqesheni, kodwa mfowethu, uma ususenkundleni yempi, ufanele ube naso.

193 Lapho beqeqesha amasosha, uma likhona elilapha, ngicabanga ukuthi umthwalo ongamaphawondi ongamashumi ayisishiyagalolunye abawubeka emhlane wesosha elincane elingaqeqeshiwe. Baliqalise phandle lapha, futhi licishe lijuluke life qobo lwalo. Ekuqeqesheni alicabangi ukuthi kudingekile, kodwa linda nje kuze kufike isikhathi, lizodinga konke okukulowomthwalo, lizojabula ukuthi lubenawo. Yebo, mnumzane. Li—lifanele libe nayo, futhi lizojabula ukuthi baliqeqeshile ukuthi likusebenzise.

194 Futhi ngakho manje, uNkulunkulu, azi ukuthi lolu izinsuku zokugcina kuyofika iziqhwaga eziyizihlakani, kuzofika yonke

into enobuhlakani, zonke izinhlobo zesitha ezinamandla okuzindla ukuzama ukufakazdfisa eBandleni ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedlule nakho konke lokhu, uNkulunkulu upakishile embhaphathizweni kaMoya oNgcwele, ngani na? Ukukhuluma ngezilimi, ukuhunyushwa kwezilimi, iziprofetho, iziphiwo, nazo zonke izinhlobo zezinto. Bangabonakala benesihluku ekuqeqesheni, kodwa, mfowethu, ekhaleni lempi, zonke zizofanele zisetshenziswe. UNkulunkulu uhlomisa amasosha aKhe ngakho ngqo okuzosetshenziswa. Amen.

195 O, bangahle bathi, "Vele ufunde isayense ephathelene nengqondo." Lokho ngeke kusebenze. Qhabo, mnumzane. Lokho kuzace njengomhluzi owenziwe ngesithunzi senkukhu ebulawa indlala. Ngakho lokho akukuhle. Sifanele sibe namandla kaMoya oNgcwele eza phezu komuntu, nazo zonke iziphiwo zokimoya eziyisishiyagalolunye ezihlezi kuye.

196 "O," wena uthi, "Angithandi nje ukwehlela lapho. Angithandi ukukhuleka ubusuku bonke. Angithandi uku. . . " Awu, khona-ke uzobulawa phandle ekhaleni lempi. Hlala lapho nje uNkulunkulu aze akuhlomise ngombhaphathizo kaMoya, khona-ke yonke into oyidingayo kulelizwe noma eZweni elizayo, kuhlala kuwe ngqo. UNkulunkulu ohlakaniphe kakhulu wayazi ukuthi ayihlomise kanjani impi yaKhe. Wayihlomisa ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele, yilokho impela Akuthumela ngalezizinsuku zokugcina.

197 Wayazi ukuthi sasifanele sibe nakho, Wayazi ukuthi abantu bayozindla, bayofunda leliZwi lapho selishicilelwe lapha, okwakuzokwenzeka. Futhi namuhla sithola abantu bethi, "Awu manje, uphi lowoNkulunkulu womlando na? Uphi lowoNkulunkulu owawela uLwandle oluBomvu na? Uphi lowoNkulunkulu owaphulukisa abagulayo na?" Bazama ukuthi, "Kubuyile."

198 Kusiza ngani ukunikeza izinyoni eziculayo amavithamini, futhi uyenze ibe namaphiko amahle aqinile, futhi uyigcine ekhejini na? Abazama ukukwenza ngabantu, babaphakele zonke izinhlobo zamavithamini a*lokhu*, *lokho*, no*kunye,* futhi into yokuqala niyazi, babatshele bonke ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedlule, uvalelwe entweni encane lapha *phansi*. Ngamanga! UKristu unguye izolo, namuhla, naphakade. UNkulunkulu wayazi ukuthi kwakuyothatha umbhaphathizo kaMoya oNgcwele ukufakazisa izibonakaliso zaKhe zosuku lwakamuva, kunjalo, Wayazi, ukuba ufakazi ophumelelayo.

199 Njengomngane wethu onomusa, angilibizi igama lakhe, ngoba akulungile, lokhu kuya eteyipini, kodwa umngane oligugu, umfowethu olungileyo, uhlobo oluthi, ehlela eSodoma nganitshela ngobunye ubusuku, ngenkathi eseNdiya, niyazi ukuthi ngikhuluma ngobani, lowombhishobhi wamaNdiya wamphonsela inselelo ukuthi yayingekho iNto efana noKristu,

kwakuyinkolo eyenziwe ngumuntu, wathi, "Ngizothola abantu abangamashumi amathathu *ngapha*, abagulayo, futhi uthathe amashumi amathathu *ngalapho*. Ngizophulukisa oyedwa njalo lapho uphulukisa oyedwa. Futhi iBhayibheli lakho lifundisa ukuthi kuzophulukisa."

Futhi lomvangeli omkhulu *othize* wathi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule, Ubengeke enze into enjengaleyo."

200 Ngiyacabanga, njengoba u-Eliya asho ngalesosikhathi, "Kungani ungathumelanga na? Uma ungabanganakho ukukholwa kokukwenza, kunenqwaba yabo lapha abanakho." O, mfowethu, kungenzeka ukuthi ngehluliwe, kodwa angizange ngivumele lowomphikinkolo ame lapho, noma, lowo ongakholwayo, futhi—futhi ahlekise ngeZwi likaNkulunkulu, uma bengingadingeka ngehle ngokunqotshwa, ngabe ngehlile ngethemba iZwi likaNkulunkulu.

201 Njengoba abantwana bamaHeberu bathi, "UNkulunkulu wethu unamandla okusikhulula kulomlilo, kodwa, noma kunjalo, asisoze sikhothame kulezizivumokholo." Kunjalo.

202 Udinga uMoya oNgcwele ukuze ucindezele phandle lapho. Kungani engashongo lokho ngenkathi eseNdiya na? Akashongo ngani lokho ngenkathi leyondoda eyimpumputhe yenyuka ngqo phambi kukaKing Nehru lapho, futhi yenyuka phambi kwalabobantu, futhi wafakaza ngokuba yimpumputhe ngokuphelele ekolishi lamaMethodisti, futhi waphulukiswa, futhi waphiliswa ngokuphelele emsamo. Bayazi ukuthi yini okumele bakuphonsele inselelo nokuthi yini abangafanele, ngokuqinisekile bayenza. Bacabanga ukuthi banethuba.

203 USathane uyazi lokho ukuzindla nokuthi ukuzindla kulele kuphi. Yebo, mnumzane. Ukuba ngufakazi osebenzayo wokuvuka kwaKhe, Wazi ukuthi kwakuzothatha uMoya oNgcwele, ngoba umuntu angeke enze lezozinto. Wahlomisa impi yaKhe ngoMoya oNgcwele ukwenza lezozinto, ukwazisa izimfihlo zenhliziyo, njengoba Ethembisa. Angeke ukwenze lokho nganoma yiluphi uhlobo lokuqeqeshwa, ufanele ukwenze lokho ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele, isiKhali sikaNkulunkulu, futhi lokhu ngukuKhanya kwakusihlwa.

204 Ukwenza amaHeberu 13:8 abe yiqiniso, bekuyothatha okungaphezu kokuqeqeshwa. Ungafunda amagama, futhi ufunde amagama, futhi ufunde amagama, futhi akusoze kwakufeza uze ube noMoya oNgcwele lapho ukubonakalisa lokho. Lokho ngukuKhanya.

205 Ukuhloma zonke izikhali zikaNkulunkulu, hhayi nje ingubo kuphela, ugqoke futhi uthi, "Udumo kuNkulunkulu, ngithole uMoya oNgcwele." Khona-ke ukhwifa wonke amandla ngaphandle kwempempe, awenzi kahle. Wufake emnyakazweni, Wufake ekukholweni, Wenze unyakaze, Wenze wenze okuthize.

Hlomani iZikhali zonke zikaNkulunkulu ukuba niphume futhi nimelane namaqhinga kadeveli!

206 Lapho ethi, "UJesu Kristu uyinkolo-mbumbulu, kade ifile isikhathi eside. Ayikho into enjenga *lena*, ayikho enjenga *leyo*, nezinsuku zezimangaliso selwedlule," ume lapho nombhaphathizo kaMoya oNgcwele futhi ufakazise ukuthi uyiqiniso. Udumo! Mm!

207 Ucabanga ukuthi ngizaphatha ngokuxakile na? Mhlawumbe nginjalo. Ngilahlekelwe umqondo wami ezweni, futhi ngawuthola kuKristu, "Mawube kini lowomqondo owawukuKristu."

208 Thatha umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, zonke iZikhali zikaNkulunkulu, hhayi nje ukuxhawula umshumayeli, ufake igama lakho encwadini, noma uthathe isinkwa ikosha futhi usigwinye, nompristi aphuze i. . .iwayini, akusikho lokho. Kodwa, mfowethu, kuhlala lapho kuze kufike uMoya ovunguza ngamandla ogcwalisa bonke ubuwena, ukhipha konke ukungabaza kwakho, ukhiphe zonke izivumokholo zakho, ukhiphe konke okunye, futhi ufaka iZwi lapho namandla kaNkulunkulu emva kwaLo ukuLesekela. Udumo! Ngizizwa ngikahle ngempela. Amen. UNkulunkulu washo njalo. NguMoya oNgcwele, hhayi i . . .

209 Nginokuyinqwaba futhi lapha, kodwa angizukukusho. Mfowethu, iZikhali zonke zikaNkulunkulu ngumbhaphathizo kaMoya oNgcwele neZwi emva kwawo. Futhi uma noma ubani ethi unoMoya oNgcwele futhi ephika iZwi elilodwa la*Lokhu*, khona-ke akusiwo uMoya oNgcwele. UMoya oNgcwele waloba leliBhayibheli, futhi Wathi, "Oyosusa noma yini kuLo, noma afake noma yini kuLo, okufanayo kuyosuswa, ingxenye yakhe ikhishwe eNcwadini yokuPhila." UMoya oNgcwele uqonda iZwi kuphela, ngoba lelo yiZwi laKhe, futhi Angeke abuyele eZwini laKhe, Uzofanele aligcine iZwi laKhe. Amen.

210 Omunye wathi, "SinoMoya oNgcwele, futhi asikholelwa ezibonakalisweni." Khona-ke kufakazela ukuthi awunaWo. Amen. Noma ngubani ongabiza amandla kaNkulunkulu, okubona okufihlakeleyo, nabaprofethi, nokunye nokunye, ngezinsuku zokugcina, u—ukufunda ingqondo noma okuthize, kuzalwa ngudeveli. Angeke kube ngokukaNkulunkulu, kuphambene, akuyiqondi i-Urimi neThumimi. Noma yini eqondayo ku*Lokhu* bese ibanika emuva, "Iqiniso," nguNkulunkulu. Amen.

211 O, ngiyaMthanda. Ulapha. LeloZwi elidala, akukho lutho okuletha ukukholwa njengeZwi. Zonke iZikhali zikaNkulunkulu, amasosha aqeqeshiwe!

212 UJesu washo phakathi Lapha, "Imisebenzi engiyenzayo Mina niyakuyenza nani." Yiqiniso lelo na? Wazazisa kanjani Yena uqobo, uMesiya na? Ngokwazi ukwahlukanisa yona

kanye imicabango eyayisezingqondweni zabo. Wakukhuluma kanjani eTestamenteni eLisha na? "Yona kanye imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza." AmaHeberu, isahluko se 4, Wakucosha futhi, wathi, "IZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, lihlaba kuze kube semnkantsheni wethambo, namalunga," nokunye nokunye, "nomaHluleli wemicabango esenhliziyweni." Haleluya!

213 UJesu wathi, "Njengoba kwakunjalo ezinsukwini zi—zikaLoti, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu," ngenkathi uNkulunkulu Ezazisa kuMuntu, wafulathelisa umhlane waKhe, *kanjena*, ezethamelini, futhi wayefulathelise umhlane waKhe kowesifazane, futhi washo ayecabanga ngakho ngaphakathi. Lelo yiZwi likaNkulunkulu, yiqiniso likaNkulunkulu.

214 Bantu, ungahle ucabange, ngoba sihlezi lapha abantu abancane abangamakhulu amane noma amahlanu, behlezi esakhiweni kulentambama, kuncane kakhulu. Khumbulani uNkulunkulu akakaze abuthane nezixuku ezinkulu, "Lapho kuhlangene ababili noma abathathu ngeGama laMi, Ngizoba phakathi kwabo." Lokho akusho ukuthi, wena uthi, "Awu, sihlangene eGameni likaJesu." Lokho kusho ukuthi empeleni ukuKristu. Izwe lifile kuwe, futhi ufile ezweni, noKristu uyaphila kuwe.

215 Ulapha ngaphandle kwethunzi lokungabaza. NgiyaMbona ehamba phezu kwezethameli manje. Amen. Uyangimisa. Kholwa nje.

216 Kuthiwani ngawe, Nenekazi na? Angikwazi uhlezi lapho. Unokwethuka, izifo ezilakanyeneyo, inkathazo yezibilini. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ukuphulukisile na? Phakamisa isandla sakho uma uzokwamukela. Hamba ngendlela yakho.

217 Inenekazi lihlezi emva kwalo ngqo lapho. Ya. Yisilonda esingaphakathi. Uma ungakholwa, uNkulunkulu uzokuphilisa. Ungakungabazi, kukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho futhi uNkulunkulu uzosisusa isilonda esingaphakathi. Uyakukholwa na? Sisemlenzeni wakho wesokudla. Kholwa ngenhliziyo yakho yonke. Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho. Kulungile.

218 Angimazi owesifazane, angikaze ngimbone empilweni yami. Uma siyizihambi, vayizelisa isandla sakho *kanjalo*. Niyabo? Kuyini na? NguKristu, iZikhali zonke zikaNkulunkulu. Lalela, iZwi liyiNkemba, futhi yinye kuphela into engalwa nesitha, leso yisandla sokukholwa ukubamba leyoNkemba.

219 Lapha kungekudala indoda yathi iphuphe udeveli elokhu ethi, "Bhu! Bhu!" Futhi yayigxumela emuva, futhi udeveli wayeya ngokuba mkhulu futhi yona iya ngokubancane. Yayazi ukuthi yayifanele ilwe naye ngokushesha noma kamuva, ngakho yadumela iZwi, futhi ngasosonke isikhathi udeveli wayethi, "Bhu!" yathi, "Bhu!" emuva ngqo, nodeveli wabamncane.

Yilokho okuyikho. Kuthatha isandla sokukholwa ukubamba iZwi likaNkulunkulu. Haleluya!

Kuthiwani ngawe na? Unesihlobo, sinonhlangothi. Kunjalo, akunjalo na? Ya. Uyakholwa ukuthi sizophila na? Yiba nokukholwa nje.

Wena uthi, "Ubumbuka." Kulungile.

220 Kukhona owesilisa nowesifazane abahlezi emva kwami. Indoda inesimo segazi, isifo samathambo. Umkakhe ehlezi eduze kwayo, unenkathazo yendlala yegilo. Nkk. noMnu. Rader, kholwani ngenhliziyo yenu yonke, futhi uNkulunkulu uzoniphilisa, uma nifuna ukukukholwa. Uyakholwa, Mnumzane na?

221 Angibazi. Uma siyizihambi, omunye nomunye, phakamisa isandla sakho. Niyabo? Nakho lapho okhona. Kuyini na? Zonke iziKhali zikaNkulunkulu. Haleluya!

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso . . .

222 Lokho kukubhashisile, Mnumzane. Ubungazi ukuthi ubunalokho kukholwa okungako. Kodwa bengimi lapha ngibuka lokho kuKhanya kuhambahamba, ngicabangile, "Uma ngifulathela bazobona iNgelosi efanayo eyayihlala emuva lapho, futhi yehla futhi yaZibonakalisa, futhi yatshela lokho abantu abebecabanga ngakho ethendeni, ibingazi impela ukuthi ubungubani, nokuthi yini ngawe."

223 Ngiphonsela inselelo noma ubani phakathi lapha ukuba akholwe into efanayo. Haleluya! Amandla kaNkulunkulu, zonke iZikhali zikaNkulunkulu, lonke iZwi likaNkulunkulu lisongelwe kuwe; uMnqobi omkhulu.

224 O, "UnguMnqobi Onamandla selokhu Adabula iveli kabili." Lokho ngukuthi, hhayi kuphela umuntu oyedwa, kodwa wonke umuntu, noma ubani othandayo, angeza emva kweVeli manje, anambithe futhi ame eNkazimulweni yeShekina. Amen. Abe nobupristi bobukhosi.

225 Lapho bebuyela emuva lapho, babekwazi ukunambitha lapho ababenebhodwe eligcwele, igalane lasekuqaleni, eligcwele i—imana eyawa ekuqaleni, yayigcinelwa ubupristi kuphela, siyakwazi lokho. Kodwa manje iveli selidatshuliwe, hhayi ubupristi kuphela, kodwa sonke singaba ngabapristi basebukhosini.

226 Ngena futhi unambithe iMana yasekuqaleni, uhlobo olwawa ngoSuku lwePhentekoste, iMana yeBandla, uMoya oNgcwele, iziKhali, lokho esiqinisiwe, hhayi ngemfundo yobuhlakani, iziqu zobudokotela, kodwa siqiniswe ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele ukufakazisa iZwi likaNkulunkulu liyiqiniso. Udumo! Haleluya! Unguye izolo, namuhla, naphakade. Uyakukholwa na?

227 MasiMculele, "Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda ngoba Wangithanda kuqala." Wonke umuntu manje.

> Ng'yaMthanda . . .

Uyamthanda na? Phakamisa isandla sakho.

> . . . Ng'yaMthanda
> Ngoba Wangithanda kuqala
> Wang'thengel'insindiso
> KowaseKalvari . . .

Anijabuli na? Anijabuli na? Siphe elithi *Phambili, Mabutho AngamaKristu*, Mfowethu, ngemashi, 4/4 uma uthanda. Kulungile. O, he! O!

> Nimashe njengokuya empini,
> O, nesiphambano se . . .

Asisukume manje.

> . . . Jesu
> Niqhubekele ngaphambili;
> UKristu, iNkosi yobukhosi,
> O, ihola ibhekene nesitha; (Yini esinayo na? IZikhali.)
> Phambili empini,
> Bukani amafulege aKhe empi ehamba!
>
> Phambili mabutho angamaKristu!
> Nimasha njengokuya empini,
> Nesiphambano sikaJesu
> Niqhubekela ngaphambili.

228 Awunamahloni ngaYe, unawo na? UPawulu wathi, "Anginamahloni ngeVangeli likaJesu Kristu, ngokuba lingamandla kaNkulunkulu ensindiso." Masivele sithathe izandla zethu sithi, "Haleluya!" kakhulu impela, manje. Wozani. "Haleluya! Haleluya! Haleluya!" Dumisani uNkulunkulu wethu. Dumisani uNkulunkulu wethu.

> . . . ibutho
> Sinyakazisa iBandla likaNkulunkulu;
> Bafowethu, siyanyathela
> O, lapho abangcwele benyathele khona;
> O, asihlukene,
> O, sonke singumzimba munye;
> O, munye ethembeni nasemfundisweni,
> Munye othandweni.

Wonke umuntu manje, liculeni.

> Phambili, mabutho angamaKristu!
> Nimasha njengokuya empini
> O, nesiphambano sikaJesu
> Niqhubeka ngaphambili.

229 Ningathanda ukujoyina na? Indlela kuphela ongajoyina ngayo ngukuthi uzalwe. Manje, into enkulu ivuliwe lapha, i-altare likaNkulunkulu, kukhona indawo emthonjeni. Noma yimuphi umuntu olapha angathanda ukujoyina lezizikhundla kulentambama, lokho kuzobeka eceleni zonke izivumokholo eziphambene neBhayibheli, wonke umcabango ophambene neBhayibheli, yonke imfundiso ephambene neBhayibheli, futhi ngokukholwa wenyukele lapha futhi uthi, "Ngemukela uJesu Kristu phezu kwesisekelo seGazi laKhe elichithekile neZwi laKhe," ngiyakutshela okuthize kuzokwenzeka kuwe khona lapha, futhi uzoqiniswa ngamandla kaMoya oNgcwele.

230 Ayikho indoda enelungelo lokuzibiza ngomshumayeli ize izitholele lezozihlabathi ezingcwele. UMose wayeyisihlakaniphi njengoba wayengaba njalo, wayenamandla e, e, ulwazi lweZwi, wayesazi isikhundla sakhe, wayazi ukuthi wayengumprofethi, yonke into, kodwa aze ahlangane noNkulunkulu kulezozihlabathi ezingcwele emuva lapho... Akukho sihlakani esasingake sikuchaze sikususe kuye, wayekhona ngenkathi kwenzeka.

231 Akekho umuntu onelungelo lokubiza uNkulunkulu kuze ukuba usufike kuleyondawo engcwele, lapho kungekho siqhwaga esiyisihlakani esingake sithinte, wawulapho ngenkathi kwenzeka, akwenzi, mehluko lokho abangakuchaza, uyazi kwenzeka. O, udumo!

232 Uyafuna ukusijoyina ngenkathi sisacula leli kanye futhi na? Wozani nizungeze i-altare, singajabula ukunikhulekela ngaphambi kokuba siqale umugqa womkhuleko. Kulungile, Mfowethu, futhi, *Phambili, Mabutho AngamaKristu*. Wozani manje, sijoyineni. Ukubiza kokugcina. Uma nifuna ukuza, wozani manje.

> Phambili, mabutho angamaKristu!
> Nimasha...

Uma ungaqiniswanga nguMoya nangeZwi!

> ...Jesu
> Niqhubeka ngaphambili.
> UKristu, iNkosi yobukhosi, (uMnqobi oMkhulu!)
> Ihola ibhekene ne (Ukungakholwa!) sitha (Imizindlo!);
> Niqhubeke ningene empini,
> Nibone amafulege aKhe empi ehamba!

> Phambili, mabutho angamaKristu!
> Nomasha njengokuya empini,
> O, nesiphambano sikaJesu
> Niqhubeka ngaphambili.

233 Bangaki phakathi lapha osevele ekulelobutho, asebevele begcwaliswe ngoMoya oNgcwele, bekholwa lonke iZwi likaNkulunkulu, abaziyo ukuthi Liyiqiniso na?

234 Baba wethu waseZulwini, angazi ukuthi ngiyophinde ngibuyele nini kulolugu futhi ukuze ngibone lababantu, ngithemba khona maduze futhi. Kodwa, Baba waseZulwini, ngiyaKubonga ngalobubufakazi obukhulu, ubusuku emva kobusuku, isimangaliso emva kwesimangaliso sikaNkulunkulu ongaziwa nongabonakali, imisebenzi phakathi kwabantu, ngezinto ezingaziwa abangazi lutho ngazo, ukuMbona eZbonakalisa, futhi enze baziwe uBuyena baKhe lapha, efakaza ukuthi aKafile kodwa uvukile ethuneni.

235 Ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi Uzonikeza lona abantu amandla onke okuphoqa kaMoya oNgcwele, ukuze bakwazi ukuba ngofakazi phansi naphezulu kulolugu, ngezinsuku zokugcina. Ngokuba qiniso, Nkosi, noma yimuphi umuntu onezimo zakhe ezifanele zengqondo uyazi ukuthi sisesikhathini sokuphela, wonke umfundi weBhayibheli uyakwazi, umhlaba uyakwazi. Ososayensi bathi sekusele imizuzu emithathu ngaphambi kwamaphakathi kwamabili, ihora elishayayo lilapha.

236 Futhi Wethembisa, ukuthi ngalolusuku, okuyokwenzeka. Siyafunda eNcwadini yeSambulo, kuloNyaka weBandla laseLawodikeya, ukuthi iziqhwaga eziyizihlakani zangena futhi zafuqa uKristu wathi ngqu waphuma ebandleni laKhe, futhi Wayemi engqongqotha emnyango wendlu yaKhe uQobo ezama ukubuyela phakathi. O Nkulunkulu, hhayi omunye, noma omunye unyaka okwake kwabanjalo, kodwa kukulonyaka, lonyaka wobuhlakani.

237 Kodwa Unamasosha aKho efakwe amahhanisi, Nkosi, ihawu, isihlangu, isigqoko sesivikelo, iZwi, futhi simi kulentambama njengeqembu eliyingcosana ngesibalo, kodwa, O Nkulunkulu, silolonge, senze, usiphuce, susa ukungakholwa nezinto zezwe kithi, kuze kube lapho uKristu efika Uzokwenela kahle eBandleni laKhe ngokuphelele, ohlelweni lwaBo, ngokuba kuyoba wuhlelo lukaMoya oNgcwele, ukuholwa, nokunyakaziswa, nezenzo zikaMoya oNgcwele lapho kufika uKristu. Siphe khona, Baba, eGameni likaJesu ngiyakhuleka. Amen.

238 Ningahlala phansi umzuzwana nje. Ngizocela wonke umuntu manje, onamakhadi omkhuleko. . . Lapho i, ngokwejwayelekile, umvangeli ufika edolobheni, bathola ukuthi, bathi, "Awu, umshumayeli nje, linda kuze kube uMfowethu Branham, uMfowethu Roberts, omunye." Akuthathi lokho, kuthatha lamadoda futhi. Ngizowacela ukuthi angisize ngikhulekele abagulayo kulentambama, nizobona okuthize kwenzeka futhi. Kulungile.

239 Kulungile. Bangaki abanamakhadi omkhuleko na? Phakamisa isandla sakho. Kulungile, ngifuna nime umugqa phansi ngalendlela, khona phansi kulesisikhala sezihlalo lapha, futhi nize nizungeze ngapha, wonke umuntu onamakhadi omkhuleko. (Kwenze emuva—emuva kokuba sesiqalile. Qhabo, ngizobathatha njengamanje namakhadi abo kuqala.) Manje, yimani umugqa khona lapha. Ngifuna abazalwane bami beze lapha nami. (Nje, nonke uzobakhulekela.)

240 IBhayibheli lathi, uJesu wathi, namaZulu nomhlaba kuyodlula, kodwa iZwi laKhe lingehluleke. Manje, lalelisisani, bangane, uma ningakukholwa lokhu, nihamba kulowomugqa nje ngeze. Ngifuna ukunibuza, kweziningi, izinto eziningi uMoya oNgcwele azibizile phezu kwebandla kuleliviki, ngabe Ube nephutha kunoma iyiphi yazo na? Ngabe ukhona oke waWubona unephutha kweminye imihlangano na? Ingabe Ubulokhu uqinisile na? Uma ubunjalo, phakamisani izandla zenu. Ubulokhu uqinisile. Niyabo? Kulungile. Khona-ke lowoMoya oNgcwele ofanayo ukhona lapha.

241 Lowo wesifazane omncane ohlezi lapha esikhashaneni esedlule, ezansi lapha ndawo ndawo, wayenokukholwa okwenele kwakhe nomyeni wakhe. Angikhumbuli, kwakubonakala njengephupho kimi ngandlela thize. Kulungile. Uma unokukholwa ngabanye bakho abathandiweyo, bakhulekele ngenkathi besekulomugqa.

242 Manje, sizokhulekela laba kuqala, sikwethembisile lokho. Futhi manje, njengoba nidlula kulomugqa, nanka amadoda lapha anegunya elifanayo njenganoma ubani omunye onalo ukukhulekela abagulayo.

243 Manje lalelani, ngifuna nonke, nicaphune lo mBhalo kanye nami. UJesu washo lokhu emyalweni wokugcina Awunikeza iBandla laKhe, emva kokuba Esebonakele kwabayishumi nanye, wabasola ngenxa yobulukhuni bezinhliziyo zabo nokungakholwa kwabo, ngoba ababakholwanga labo ababeMbonile emva kokuvuka kwaKhe, Wathi kubo, "Hambani niye ezweni lonke . . ." Manje, khumbulani, Ukhushuliwe manje. "Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo. Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa; ongakholwayo uyakulahlwa." Lokho kukude njengoba abaningi bekufunda, "Na . . ." U*Na* isihlanganiso esibopha umusho ndawonye. "Nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo . . ."

244 Ufundisiwe, "Bayaxhawulana, babhale igama labo encwadini." UJesu washo okwehlukile, Wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; ngeGama laMi bayakukhipha amademoni; bayakukhuluma ngezilimi ezintsha; uma bephatha inyoka noma baphuze okubulalayo

akusoze kwabalimaza; futhi uma bebeka izandla phezu kwabagulayo bayakusinda."

245 Lowo ngumyalo wokugcina uJesu awunikeza, futhi nanku umbuzo Awubuza: "Ngabe Ngizokuthola ukukholwa lapho Ngibuya na?" Manje, Akazange athi, "Ngizokuthola ukulunga na? Ngizolithola ibandla na? Ngizobathola abantu na?" Wathi, "Ngizokuthola ukukholwa na?" Lowo ngumbuzo.

246 Manje, kinina oza kulomugqa womkhuleko, lamalunga nabantu abemi lapha, amaKristu, agcwaliswe ngoMoya oNgcwele, uyahamba, kanye, kanye nami, uzobeka izandla phezu kwawo wonke umuntu odlula lapha, futhi niyazi ukuthi nizophulukiswa. Suka lapha bese uthi, "Kulungile, ngizophila." Lokho kuyakuxazulula.

247 Manje, uma lomugqa usuphelile, sizobe-ke sesibiza isigaba emva kwesigaba, aze wonke umuntu athole ukukhulekelwa ofuna ukukhulekelwa, ngikwethembisile.

248 Bangaki phandle lapho abazobe bekhulekela lomugqa womkhuleko na? Phakamisani izandla zenu. Kulungile. Mfowethu, kwi-ogani, sinikeze leloculo *Kholwa Kuphela* manje, futhi asikhuleke manje, wonke umuntu. Futhi mfowethu, dade, yima khona lapho okhona, ungavumeli umuntu edlule ngaphandle kokubeka izandla kubo.

249 Thola othile lapha, manje, ongasiza abantu emsamo, othile ongabasiza basuke. Woza lapha, Mfowethu Fred, uma uthanda. UMfowethu Fred Sothmann lapho, omunye wabaphatheli bami, woza lapha futhi—futhi usize abantu basuke emsamo lapho beza, yima ngqo nga*lapha*. Futhi omunye akehlele lapho ukuzosiza ezansi lapho. Noma sebenaye. . .? Batholile, ya, banomngenisi ezansi lapho. Kuhle. Kulungile, asikhothamise amakhanda ethu manje.

250 Baba wethu waseZulwini, silapha ukuzosiza Wena. Futhi siyaqonda, njengoba sikhonzisa kubantwana baKho, Wathi, "Njengoba nenzile kwabancinyane balaba abakholwa kiMi, nikwenzile kiMi." Manje, naba omama, obaba, izithandwa, abantwana, bemi kulomugqa lapha, izingane ezincane, futhi siyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi njengoba thina, ngendlela yethu ethobekile, nakho konke esikwaziyo ukuthi kwenziwa kanjani kubantu, ukushumayela iZwi, siLichaze kubo, khona-ke siyaKubona wehla futhi wehlukanisa imicabango yabantu, ufakazisa ukuthi Ulapha, lokho kwenza Wena iNsika yoMlilo enkulu, uKristu omkhulu kaNkulunkulu, onguye izolo, namuhla, naphakade.

251 Khona-ke lababantu abagcotshiweyo, ngoMoya waKho, umi lapha ukubeka izandla phezu kwabagulayo. Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi angeke kubebikho noyedwa ongongakholwayo phakathi kwabo, futhi wonke umuntu angasuka lapha ejabule, ethokoza, futhi ebheka isifo

nokuhlupheka komzimba wakhe kusuka. Siphe khona, Baba. Sibanikela kuWe, eGameni likaJesu. Amen.

252 Manje, ngifuna umholi wamaculo othile, ongahola amaculo. Woza lapha, Roy. Ngifuna wonke umuntu amakhanda enu ekhotheme manje, emkhulekweni, futhi ucula enhliziyweni yakho, "Kholwa kuphela, konke kuyenzeka," ngenkathi uMfowethu Borders ehola iculo. Wonke umuntu akaqale ukukhuleka manje njengoba sikhuleka. Manje wonke-. . .

Kholwa kuphela . . .

Wonke umuntu ecula manje.

. . . kholwa kuphela,

[UMfowethu Branham ukhulekela abantu. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

253 . . . -umzimba ukhulekelwe manje? Akamangalisi yini na? Ngiqaphelile abeza bedlula emgqeni . . . Manje, khumbulani nje, kukhona abantu lapha abangafakaza ukuthi kade bekweminye imihlangano, futhi bavele bedlula emgqeni, bakhulekelwe, futhi singanqwabelanisa lento lapha egcwele izincwadi zobufakazi, izitatimende ezisayinwe ngodokotela, umdlavuza, unhlangothi, uvendle, yonke into iphulukisiwe. Niyabo, ufanele nje ukugxilise okwehange futhi ukubambe. Ungakushiyi, vele uhlale khona lapho. Manje, niyakhumbula, niqala ukuqaphela emva kwesikhashana . . .

254 Maduzane nje sibe nomhlangano, futhi kwakukhona inenekazi elafika ledlula emgqeni, futhi laliyi . . . Ngalitshela ukuthi yayiyini inkathazo yalo. Lalinenkathazo yesisu, isilonda esiswini esiswini salo, futhi Kwalitshela, "ISHO KANJE INKOSI, uphulukisiwe." Futhi Kwasho, kwalitshela ukuba liye ekhaya futhi lidle.

255 Futhi khona-ke elinye inenekazi liyeza liyedlula, futhi lalinesimila ohlangothini lwentamo yalo *lapha*, o, ngiqagele iyintshi ubude, noma okuthize, futhi latshelwa into efanayo, lalizophila. Futhi kanjalo nomakhelwane.

256 Nenenekazi elinesilonda esiswini laqhubeka, lazama ukudla futhi alikwazanga nje ukudla. Futhi lalizama ukuthatha ukudla, futhi lalivele likuphalaze. Futhi ekugcineni, kwaqhubeka cishe amaviki amabili noma amathathu, futhi lavele nje, lalibukeka sengathi kwakuzophela nje. Futhi khona-ke sasi, kwenye ingxenye yezwe cishe amaviki amathathu noma amaviki amane kamuva.

257 Futhi ngokunye ukusa abantwana balo babeya esikoleni, futhi lavuka. Futhi ngaso sonke isikhathi uma lithatha noma yini lalivele, lalivele lishe futhi lizwe ubuhlungu, futhi lalivele liphalaze. Futhi ekugcineni, umyeni walo wathi, "S'thandwa, ngi—ngikholwa ukuthi uletha ihlazo phezu kwembangela kaKristu."

258 Manje, angeke ukwenze lokho uma uvuma. *Ukuvuma* kusho "ukusho into efanayo." Ukuvuma, lapho uya kummeli, noma ukwe—ukwenza ukuvuma, usho into efanayo. Futhi wena uthi, "Ngemivimbo yaKhe ngiphulukisiwe." Yilokho Akusho, futhi uyavuma ukuthi Usekwenzile. Futhi laqhubeka.

259 Ngakho ngokunye ukusa lalimi lapho ligeza izitsha, likhala. Futhi lona, khona manjalo lezwa umuzwa omncane oxakile, lathi, kuza phezu kwalo, nesisu salo siqala ukuzwa ukuphola. Awu, alikaze likuqaphele, lavele laqhubeka nokugeza izitsha, lalamba ngempela. Owesifazane angahle ukuba uhlezi lapha manje, ngakho konke engikwaziyo. Futhi wathi abantwana babeshiye ukudla okusanhlamvu epuletini labo, niyazi, ukudla okusanhlamvu okugoqiwe, niyazi, okuphekiwe, futhi ngokuvamile khona kwakumshisa, ngesilonda esiswini. Ngakho lathatha isipuni esigcwele noma ezimbili, futhi akuzange kulikhathaze.

260 Futhi khona-ke, emva kwesikhashana lidla ucezu oluthosiwe, akuzange kulikhathaze. Ngakho ngakho-ke, lavele lazithosela amaqanda athi awabe mabili, futhi lathola inkomishi yekhofi, futhi lavele laba nejubili yolwazi lokudla okuhle elijwayelekile. Lavele ladla laqhubeka nje, akuzange kulikhathaze. Futhi lalinda cishe amahora amabili noma amathathu, lutho, kungekho kulimala.

261 Lagijima lehlela kumakhelwane walo ukuyotshela umakhelwane walo, nomakhelwane walo wayedazuluka. Wayecabanga ukuthi kukhona okwakwenzekile. Futhi lapha wayenyakazisa amashidi embhedeni, wayesanda kuvuka nje. Isimila sasingasekho, abakwazanga ukusithola. Wayenyakazisa amashidi, ezama ukusithola. Futhi bobabili beza emhlanganweni ukunikeza ubufakazi phambi kwabantu cishe abayizinkulungwane ezinhlanu. Kwenzenkeni na? INgelosi yeNkosi. Niyabo?

262 Manje, khumbulani, uDaniyeli wakhuleka, futhi kwaba yizinsuku ezingamashumi amabili nanye ngaphambi kokuba iNgelosi ifike kuye. Bangaki okwaziyo lokho na? Futhi lapho iNgelosi yeNkosi isimemezele lesosibusiso, ukuba-ke wayevele wadela na? USathane wayezongena ngqo. Kodwa wabambelela ngqo.

263 Futhi Wedlula wadabula ngakomakhelwane ngalokhokusa. Uyazi lapho uhlala khona, konke ngawe. Uma Ekwazi ukuthi ulapha, Uyazi ukuthi ukuphi. Lapho Ekunika isibusiso, Uzosiqinisekisa, uma nje uzohlala naso. Wadabula ngakomakhelwane, futhi waphulukisa labo besifazane ababili, eqhubekela kwenye indawo. UnguNkulunkulu. Akamangalisi yini na? Umangalisa kakhulu.

264 Manje, ngicabanga ukuthi. . .asi. . .ngicabanga ukuthi kuzobakuhle uma sizo. . .uma nginganibuza umbuzo.

Nginikhulekele, maduze nje ngizoba semasimini emishini laphaya e-Afrika naseNdiya, lapho izinyanga-bathakathi namademoni nakho konke. Nizongikhulekela na? Nizobe ningikhulekela na? Ngiyabonga. *Size Sibonane.*

Size sibonane! size sibonane!
Size sibonane ezinyaweni zikaJesu;
Size sibonane! size sibonane!
UNkulunkulu abenani size sibonane futhi.

265 Nizongikhulekela, manje na? Ningakwenza lokho na? Manje, sonke asivale amehlo ethu nje, siphakamise izandla zethu, futhi silicule. Mshayi we-ogani, sinikeze inothi, ngiqalele phansi kancane, sinikeze inothi kwelithi *Size Sibonane.*

266 Futhi manje, *Size Sibonane.* Futhi uma singasaphindi sihlangane kuze kube ngapheseya komfula, khumbulani, nginitshele iqiniso. Ngizoba Lapho nobufakazi obufanayo. Ngethemba ukuthi uma ngingaphinde nginibone ngapha, iZwe, ngizonibona Laphaya. Kodwa ngethemba ukuthi ngizophinde nginibone lapha. Size sibonane, uNkulunkulu abe nani. Kulungile, sonke ndawonye manje.

Size sibonane! size sibonane!

